# UMLANDO NGEMPILO YAMI

Ake sikhothamise amakhanda ethu okwesikhashana ngomkhuleko.

Baba wethu oseZulwini onomusa, kungamathuba amahle kakhulu okusondela kuWe, Nkulunkulu wethu noMsindisi. Ukuzwa leliculo elimnandi kangaka, *Umkhulu Kangaka*, kusinikeza ugqozi ngoba siyazi ukuthi Umkhulu. Futhi siyakhuleka ukuthi ubukhulu baKho buzobonakaliswa kithina kabusha, namuhla ntambama, sisakhuluma. Bekuyilokhu kungumshikashika wami, okokuqala kusukela eminyakeni eminingi, ngizama ukubuyekeza impilo eyadlulayo, ngiyakhuleka ukuthi Uzonginika amandla na—nalokho engikudingayo, Nkosi, ukuba ngibe kulelihora. Sengathi wonke amaphutha ami empilweni angaba kuphela isinyathelo kwabanye, esiya phambili esizobasondeza kuWe. Yenzenjalo, Nkosi. Sengathi izoni zingawubona umzila ezihlabathini zalesisikhathi, sengathi zingaholeleka kuWe. Lezizinto sizicela eGameni leNkosi uJesu. Ameni. (Ningahlala phansi.)

[UMfowethu uGlover uthi, "Kunganjani uma ungakhulekela lamaduku ngaphambi kokuba uqale na?"—Umhl.] Ngingathokoza. ["Kukhona *lawo nalawo* adinga ukukhulekelwa."] Kulungile, mnumzane, ngiyabonga. Njengalendoda engcwele, uMfowethu Glover, esengimazi manje iminyaka, ngibe nenhlanhla ukuba naye okwesikhashana izolo kusihlwa. Ungitshele ukuthi uke walaliswa okwesikhashana, ephumule. Namanje, eminyakeni engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, ubuyela kuyo inkonzo yeNkosi. Angikakhathali ingxenye njengoba benginjalo ngaphambi kokuzwa lokho. Ngangicabanga ukuthi ngikhathele, kepha ngi—angikholwa ukuthi ngikhathele. Ubeke lapha kimi amaduku, e—ezimvilophini, nokunye, asefakwe kuzo asevele apakishiwe.

Manje, nina eninemisakazo, noma enilapha, enifisa amanye kulamaduku, niyowathola, iAngelus Temple ihlale iwathumela, njalo. Ungabhalela khona lapha eAngelus Temple bayowakhulekela, ngoba ngiyoniqinisekisa ukuthi kungokomBhalo. Kuyisethembiso sikaNkulunkulu.

Uma kuyikuthi ufuna ukuba ngikukhulekele omunye wenu, kungebe ngani, ngokuthokozela ukwenzenjalo. Kofanele ungibhalele ngalesisigxobo seposi 3-2-5, 325, Jeffersonville, kupelishwa kanje J-e-f-f-e-r-s-o-n-v-i, kube ngo 1 ababili no e. Jeffersonville, Indiana. Uma ungenakuyikhumbula inombolo yeposi, vele ulobe uthi "Jeffersonville." Kuyidolobhanyana nje, elinabantu abathi ababe-zinkulungwane ezingamashumi

amathathu nanhlanu. Bonke bayangazi lapho. Ngakho sokuthokozela ukukhulekela iduku sikuthumelele lona.

Futhi, namanje, sibe nempumelelo enkulu ngokwenza lokhu, ngoba . . . Uyokuthola kubhanqwe nencwaj ana eyifomu, ukuthi abantu emhlabeni wonke jikelele bayawathandazela njalo ekuseni ngelesishiyagalolunye ngqo, nangeleshumi nambili ngqo nangelesithathu ngqo. Awubheke nje, umhlaba wonke, sikhathi sini nje lesi okufanele bavuke benze lomkhuleko. Ngakho uma onke lamashumi ezinkulungwane, aphindwe kazinkulungwane, ethumela imikhuleko kuNkulunkulu ngasona lesosikhathi mayelana nalentshumayelo, isifo sakho, uNkulunkulu angeke aze akudumaze. Ngakho manje thina, njengoba ngisho, asinazo izinhlelo, asifuni ngisho upeni wemali. Si . . . Uma singakusiza, yilokho esikuzele lapha. Ngakho masi . . .

Kukhona oletha esinye isixha samaduku.

Manje, uma ungenalo iduku obungalithumela, kulungile, ungavele ubhale, nje. Uma ungalidingi njengamanje, ligcine eNcwadini yeZenzo, eBhayibhelini, isahluko seshumi nesishiyagalolunye. Kuyoba yintwanyana nje emhloshana sariboni eyothunyelwa kuwe, okuyokwazisa ukuthi ungazivuma kanjani izono zakho kuqala. Bese (ngiyabonga) ungazivuma kanjani izono zakho. Ungazami ukucela noma yini kuNkulunkulu uma ungakazihlambululi kuNkulunkulu. Uyabo? Ngakho uyayalwa kulokhu ukuba ubize omakhelwane bakho, nomfundisi wakho. Uma kukhona utho enhliziyweni yakho nganoma ngubani, hamba ukulungise kuqala, bese uyabuya. Bese uyakhuleka, ube nomhlangano womkhuleko ekhaya lakho, bese uqhasela leliduku engutsheni yakho engaphakathi, bese ukholwa nguNkulunkulu. Kulawo mahora amathathu, ngosuku, bayokhuleka abantu emhlabeni jikelele, bexhumene umhlaba wonke.

Manje ke lingelakho, ngesihle, vele nje ulithumele. Futhi—futhi, manje, ngeke sibuye sikubhalele sikubelesele noma sikutshele ngohlelo esinalo. Siyathanda uluphase uhlelo, kepha asi—asinalo ongaluphasa. Uyabo? Ngakho u . . . Akusikhona ukuthola ikheli lakho, kuphela kungukuba sithole indawo nenkonzo yeNkosi esizama ukuyiqhuba.

Manje asikhothamise amakhanda ethu. Uma ulalele emsakazweni, uphethe neduku lakho, vele ubeke isandla sakho kulo sisakhuleka.

Nkosi enomusa, siletha kuWe lamaphaselanyana, amanye awo abukeka mhlawumbe njengamavesti omntwana, noma—noma iyenjana langaphansi, noma amabhuzwanyana ezingane, noma—noma okunye, iduku, elizoya kogulayo nonobunzima, Nkosi, kungenxa yeZwi laKho ukuba senze lokhu. Ngokuba siyafunda, eNcwadini yeZenzo, ukuthi bathatha amaduku nezindwangu, emzimbeni wenceku yaKho, uPawulu, ngokuba

bakholwa ukuthi uMoya waKho wawukulendoda. Nemimoya emibi yaphuma kubantu, izinkathazo nezifo zasuka kubo, ngokuba bakholwa. Namanje siyaqonda, Nkosi, ukuthi asisuye uPawulu oNgcwele, kepha siyazi ukuthi uhlala unguYe uJesu. Ngakho siyakhuleka ukuba Uhloniphe ukukholwa kwalababantu.

Kwake kwashiwo kanye ukuthi kwathi uIsrayeli (ezama ukulalela uNkulunkulu) wayesogibeni, kungulwandle phambi kwabo, izintaba ngakwelinye icala, nanso nempi kaFaro iqhamuka. Omunye wathi, “uNkulunkulu wabuka phansi kuleyoNsika yoMlilo, ngamehlo athukutheleyo, nolwandle lwesaba lahlehlela emuva lona ngokwalo, lwavulela uIsrayeli indlela ukuwelela ezweni lesethembiso.”

O Nkosi, phinda ubuke phansi, njengoba lamaphasela ebekwe emizimbeni yabagulayo njengesikhumbuzo seZwi laKho eliphilileyo. Sengathi isifo singesaba, buka eGazini leNdodana yaKho, uJesu, Owafela lenhlawulo. Sengathi isitha singaba nokwesaba sisuke, ukuze lababantu baqhubekele esethembisweni, esithi, “Phezu kwazo zonke izinto,” ukuthi kuyisifiso saKho “ukuba siphumelele kahle empilweni.” Kwenze, Baba, lokhu sikuthumela nga—ngalesosimo enhliziyweni yethu. Lokho kuyimpokophelo yethu. Sikuthumela ngeGama likaJesu Kristu. Ameni.

Ngiyabonga, Mfowethu Glover. Ngiyabonga, mnumzane.

Manje, kulobubusuku njengoba kuyingxenye yokuvala lemvuselelo, angazi noma iyosakazwa noma qha, kepha ngithanda ukusho (uma kungenakwenzeka) kwabalalela emsakazweni, ukuthi lena kube ngenye yezinkonzo ezimnandi kwengake ngaba nazo eminyakeni eminingi, ningi. Ibiqatha, izwakala, ithandeka kakhulu, inkonzo enokubambisana ebengikuyo isikhathi eside.

[Umzalwane uthi, “Sizobe silalele emoyeni kuze kushaye imizuzu elishumi nanhlanu lishayile elesine, mfowethu. Ngakho bakulalele, kuyo yonke iCalifornia engaseningizimu, kuze kuyoshaya eziqhingini, nasemikhunjini. Sithola imibiko kubo. Ngakho baningi abakulalele, izinkulungwane namashumi ezinkulungwane.”—Umhl.] Ngiyabonga, mnumzane. Kuhle kakhulu. Ngiyathokoza ukuzwa lokho. UNkulunkulu anibusise nonke.

Futhi impela njalo bengilokhu ngizwa indawo ethokomalayo enhliziyweni yami ngeAngelus Temple, ngokumela kwayo iVangeli eligcwele likaJesu Kristu. Futhi, namanje, ku—kubukeka kuphathelene nami kakhulu manje. Kufana, nokubona bonke abantu bethokozile emoyeni emva kokuphuma kwenkonzo, sengizibona ngiba ngomunye wenu kakhulu kunasekuqaleni. UNkulunkulu anibusise, lowo ngumkhuleko

wami. Ne. . .[Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga, ngiyathakasa.

Manje, kuzwakele namuhla ukuthi bengithanda ukukhuluma kini okwesikhashana ngo: *Mlando weMpilo yaMi*. Kuyinto e—enzima kimina. Lokhu kuzoba ngokokuqala selokhu kusukela ngizama ukwenza eminyakeni eminingi. Angiz'uba naso isikhathi sokugxila kukho, kepha kuzoba yingxenye nje yakho. Futhi, nalapha, ngenze amaningi amaphutha, ngenze eziningi izinto ezingafanele. Ngakho ngizofisa, ukuba nina enilalele umsakazo nani enikhona, ukuba ningathathi amaphutha ami abe izikhubekiso kini, kepha anenze niphokophelele ukuya phambili ukunisondeza eduze neNkosi uJesu.

Ngakho, kusihlwa nje, amakhadi okukhulekelwa azonikezwa enkonzweni yokuphulukiswa kusihlwa nje. Manje, uma sikhuluma *ngenkonzo yokuphulukisa*, akusho ukuthi sizophulukisa umuntu othile, sizo "khulekela othile." NguNkulunkulu ophulukisayo. Ubeyilokhu enomusa kimi, ukuphendula umkhuleko.

Bengikade ngikhuluma nomphathi womvangeli odumileyo, lapha esikhathini esingengakanani esadlulileyo, khona—khona-ke kwabuzwa ukuthi kwakungani lomvangeli engakhulekeli abagulayo. Nomvangeli waphendula wathi ku—kumphathi wezinkonzo zami, wathi, "Uma. . .Lomvangeli uyakholelwa ekuphulukisweni nguNkulunkulu. Kepha uma engaqala ukukhulekela abagulayo, kungathikameza inkonzo yakhe ngoba uxhaswe ngamasonto. Amabandla amaningi namaningi awo awakholelwa ekuphulukiseni kukaNkulunkulu.

Ngakho ngiyamazisa ngiyamhlonipha umvangeli ngoba ugcina indawo yakhe, isikhundla somsebenzi wakhe. Mhlampe ubenga. . .Ngingeyithathe indawo yakhe, nami ngiyangabaza ukuthi angayithatha indawo yami. Sonke sinendawo eMbusweni kaNkulunkulu. Sonke sihlanganiswe ndawonye. Izipho ezahlukene, kepha nguye lowoMoya. Izibonakaliso ezahlukene, ngiqonde ukuthi, nguye lowoMoya.

Futhi, namanje, izinkonzo kusihlwa nje zizoqala. . . Ngicabanga ukuthi bathe ikhonsathi iqala ligamenxe ihora lesithupha. Futhi, namanje, uma ungekho lapho kufinyelela khona umsakazo, woza uzolalela la. Ku. . .Kuyobamnandi, kuhlala kunjalo.

Futhi ke ngifisa ukusho ukuthi amakhadi okukhulekela azokhishwa masinyane emva kwalenkonzo, uma nje lenkonzo isiphelile, uma ulapha futhi ufuna ikhadi lokukhulekelwa. Ngiyaliwe laphaya khona maduze nje, indodana yami noma uMnuz. Mercer noma uMnuz. Goad, bazonikeza amakhadi okukhulekelwa. Hlala nje esihlalweni sakho. Kuzoba nje emva kokuba inkonzo isiphumile, hlala nje esihlalweni sakho ukuze

abafana behle ngomugqa banikezele amakhadi okukhulekelwa ngokushesha. Kuzoba kovulande abasesitezi noma phansi, nomaphi, ezindaweni eziphansi zokugcina noma-ke ikuphi lapho ukhona, hlala nje esihlalweni sakho nabafana bayokwazi ukuthi ulapha nje kungoba ufuna ikhadi lokukhulekelwa. Nasebusuku nje sizobe sikhulekela abagulayo. Uma iNkosi ingaguqulanga imicabango yami, ngithanda ukushumayela ngalesisihloko kulobubusuku, *Uma Ungasikhombisa uYihlo, kuyoSanelisa*.

Manje ngithanda ukufunda indikimba yalendaba ntambama nje, ukuba ngendlalele *uMlando weMpilo* yami, itholakala eNcwadini yamaHeberu, isahluko seshumi nantathu, asiqale lapha uku . . . Ngingathi evesini leshumi nambili.

> *Ngakho-ke naye uJesu, ukuze angcwelise abantu ngegazi lakhe, wahlupheka ngaphandle kwesango.*
>
> *Masiphumele . . . kuye ngaphandle kwekamu, sithwale ihlazo lakhe.*
>
> *Ngokuba lapha asinamuzi omiyo, kepha siyawufuna ozayo.*

Manje yiyona leyondikimbake. Ngokuba, uyabo, uma kungumlando wempilo, noma kuyini ephathelene nomuntu, asize singakudumisa lokho, kakhulukazi o—okomuntu osekwedlule, uma bekukade kumnyama njengokwami. Kepha ngicabange, uma sifunda umBhalo, uNkulunkulu uyowubusisa umBhalo. Nomcabango wami uyilokhu:

> *Ukuthi lapha asinawo umuzi omiyo njalo, kepha sifuna ozayo.*

Manje, ngiyazi ukuthi niyithanda kabi iLos Angeles. Ninelungelo lokwenzenjalo. Impela ingumuzi omkhulu, omuhle. Nenkungu nentuthu yawo nokunye, kepha uyidolobha elihle, elinesimo sezulu esihle. Kepha lomuzi soze wama, uyofika lapho uphela khona.

Ngake ngama eRoma (lapho kwakukhonakhona amakhosi amakhulu) namadolobha ababecabanga ukuthi bawakhela ingunaphakade, ungagubha ngisho amafithi angamashumi amabili ukuze uthole imvithi yawo.

Ngake ngama lapho oFaro babenemibuso yabo emikhulu, usungagubha ujule emhlabathini ukuze uthole lapho babebusa khona o Faro, abakulu.

Sonke siyathanda ukucabanga ngedolobha lethu nendawo yethu. Kepha, khumbula, soze lama.

Ngisengumfanyana ngangivamise ukuya esihlahleni esikhulu somapula. Ezweni lakithi sinomningi umuthi oqinile. Sasinalesisihlahla somapula ke, umapula ongushukela, lo esiwubiza ngokuthi "umapula oqinile" no "mapula othambile." Lesisizemazema sesihlahla esikhulu, kwakuyisihlahla esihle

kakhulu. Kwakuthi nxa ngivela emasimini, kade ngisebenza ifolishi lo—nokuvuna, ngangithanda ukuya kulesisihlahla esikhulu ngi—ngifike ngihlale phansi kwaso ngi—ngibuke phezulu. Ngangibuka amakhulu, amakhulukazi amagatsha aso enyakaziswa ngumoya, isiqu esikhulu eside. Ngangithi, "Uyazi, ngikholwa yikuthi lesisihlahla siyohlala iminyaka engamakhulu ngamakhulu." Kulesisikhathi esingekude esadlulileyo ngithe ngibuka lesisihlahla esidala, sesiyingozi.

"Ngokuba lapha asinawo umuzi omiyo njalo." Lutho, akukho lutho lapha kulomhlaba ongakubuka okungayikuphela. Kumele kushabalale. Konke okufayo kumele kugingwe ngokungafiyo. Ngakho akukhathali ukuthi siyikhanda kahle kangakanani imigwaqo yethu ephakemeyo, noma singazakha kahle kanjani izakhiwo, zonke kumele zishabalale, ngokuba lapha akukhonto engama njalo. Yilokhu okungaBonwa okumiyo njalo.

Ngikhumbula indlu esasihlala kuyo, kwakuyindlu endala yezingodo ephahlekwe ngodaka. Ngi . . . Mhlawumbe abaningi akaze bayibone indlu e phahlekwe ngodaka. Kepha yonke yayiphahlekwe yaze yayoshaya phezulu ngodaka, nezingodo ezinkulu eziqatha ezazisendlini endala, ngangicabanga ukuthi leyondlu iyohlala amakhulu eminyaka. Kepha, niyazi, namuhla lendlu lapha yayakhiwe khona sekuyindawo eqokelwe ukwakha izindlu. Sekwehluke ngenye indlela. Konke kuyaguquka. Kepha . . .

Ngangivamise ukubona ubaba, wayeyindoda emfishane, enesiqu, enamandla kakhulu, futhi wayengenye yamadoda amancane anamandla kakhulu engangiwazi. Ngahlangana noMnuz. Coots, ayesebenza naye ezingodweni, wayethwala izingodo, kwathi nje cishe emva konyaka, noMnuz. Coots ungumngane wami olunge kabi, engumdikoni ebandleni Lokuqala leBaptisti, wayesethi, "Billy, ufanele ukuba yindoda enamandla ngempela."

Ngase ngithi, "Qhabo, anginawo, Mnuz. Coots."

Wathi, "Uma wafuza uyihlo, uyoba nawo." Wathi, "Ngiyibonile leyondoda, yayisinda amaphawondi alikhulu namashumi amane, elayisha ugodo enqoleni yedwa qhwaba, olwalusinda amaphawondi angamakhulu ayisishiyagalolunye." Wayekwazi yena ukukwenza. Wayenamandla. Ngangimbona uma esebuya ezohlamba alungele ukudla kwasemini, uma uMama esembiza.

Sasinesihlahla esidala sama-apula egcekeni elingaphambili, kwakukhona ezintathu noma ezine ezincane kuyela ngemuva. Esihlahleni esiphakathi naphakathi kwakukhona ingilazi endala, eyaseyephuka, isibuko, esibanzi. Sasibethelwe esihlahleni nganxanye kwagotshiswa izipikili. Okufana nalokhu abanye benu babazi abalaleleyo eningakubiza ngokuthi "ikho-

thenga lamajazi.” Kwakugotshisiwe ukuze kukwazi ukubamba ingilazi inganyakazi. Kwakukhona ikama elidala lethini. Bangaki asebake babona ithini elidala . . . inhlobo endala yekama lethini? Ngisalibona.

Kwakukhona futhi ibhentshi elincanyana lokugezela, kuyipulangwana elinomlenzana otshekileyo ngaphansi, kwalo, lishayelwe esihlahleni. Kwakukhona iphampu yesibabule, endadlana, lapho esasiphampa ngayo amanzi siwakhiphe, sasiwashela kulesisihlahla esidala. UMama wayethatha amasaka empuphu enze amathawula. Ukhona osewake wasebenzisa ithawula lesaka lempuphu na? O, ngineqiniso ngizizwa ngisekhaya manje. Lawo mathawula amakhulu, amadala ahayayo! Kwakuthi lapho esesigeza thina bantwanyana, wayesengathi . . . kwakuba sengathi ususa isikhumba njalo uma ehlikihla. Ngiyalikhumbula lelothawula elidala lesaka lempuphu. Wayethatha izintambo zesaka enze izinsephe ukuze lihlobiseke.

Bangaki asebake balala kugampokwe wotshani na? Kunjalo, ngizo—zothi! Bangaki abebazi ukuthi wawunjani umqamelo wamakhoba na? Yebo, Mfowethu Glover, ngisekhaya manje, kakhulu impela! Ugampokwe welala, yebo, ngisanda kuwuyeka nje, futhi wa . . . O, ku—kulaleka kamnandi, upholile. Ngesikhathi sasebusika bathatha umbhede wezimpaphe omdala bawubeke phezu kwawo, niyazike, bese kubekwa isiqephu sikaseyili phezu kwethu ngoba iqhwa lalishaya e—e—mifantwini yendlu, niyazike, lapho amapulangwe okufulela ayengahlangene khona. uyazi, iqhwa lalingena khona. Futhi, o, ngisakhumbula kahle kakhulu lokho.

NoBaba wayenebrashi lokushefa. Ngi . . . Manje lokhu kuzonithinta. Lalenziwe ngamaqobolondo ommbila, ibrashi lokushefa namaqobolondo ommbila. Abesethatha insipho kamama endala eyenziwe ngomlotha wokhuni oxutshwa namanzi ayeyenzile, ayixubhuze bese eyifaka ebusweni ngalelibrashi lamaqobhe ommbila, bese eshefa ngenkulu, insingo endala eqondile. Kwakuthi ngeSonto athathe i—isiqeshana sephepha, alifake kukhololo wakhe, babegqoka okhololo abenziwa ngezingcezu zemithi okwenziwa ngazo amaphepha bese ewufaka uzungeze ukhololo kanje ukuvikela i—i—igwebu lingangeni kukhololo wakhe weyembe. Sewake wakubona lokho kwenziwa na? Ini, yekanini, bakithi!

Ngikhumbula umthonjana omdala ngale ngaphansi, lapho sasikha khona amanzi okuphuza, amanzi akithi sasiwaphatha ngesigubhu soswela sokukha amanzi. Bangaki asebake basibona isigubhu soswela sokukha amanzi na? Kuhle, bangaki kini abavela eKentucky, na? Yebo, kulungile, buka nje lapha kwabaseKentucky. Kulungile, bakithi, ngi—ngikhona impela . . . Bengicabanga ukuthi bonke bangabaseOkies nabase Arkies laphaya kepha kubonakala sengathi iKentucky yiyona ehamba

phambili. Impela, bathola uwoyela eKentucky ezinyangeni ezimbalwa ezadlule, niyazi, mhlampe kungakho bethutheleka ngapha nje.

Futhi ngiyakhumbula uBaba wayevamise ukubuya ngedina azohlamba, wayegoqa imikhono yakhe, izingalo zakhe ezimfishane eziyizijuqwana. Kwakuthi uma ephakamisa izingalo zakhe ehlamba, ethela amanzi ebusweni bakhe, kunyakaze izinkonyane ezingalweni zakhe ezincane. Ngathi, "Uyazi, ubaba uyophila kuze kube yiminyaka elikhulu namashumi amahlanu." Wayenamandla! Kepha wafa eneminyaka engamashumi amahlanu nambili. Uyabo? "Lapha asinawo umuzi omiyo njalo." Kunjalo. Soze sahlala njalo njalo.

Manje ake sithi ukuhambahamba, sonke. Nonke lapha ninawo umlando wempilo yenu, njengoba nami nginawo, kuhle ukuba uke uthi ukukhumbula okwake kwenzeka. Akunjalo na? Uke uthi ukuhlehla, sonkeke akesithi ukuhlehla okwesikhashana, sibuyele kulezo zehlo ezifananayo siseyizinganyana.

Manjeke ingxenye yokuqala yomlando wempilo. Ngizowuthi nje hlokolozi, ngoba kusencwadini nabaningi benu banayo incwadi.

Ngazalelwa endlwaneni eyakhiwe ngezingodo entabeni, phezulu le ezintabeni zaseKentucky. Babenendlu eyodwa esasihlala kuyo, kwakungandlelwe mata phansi, kungekho ngisho ipulangwe lodwa leli phansi, kwakuyiphansi nje elingenalutho. Nesiqu, isiqu esinqunywe phezulu sinemilenze emithathu, kwakuyitafula lakithi ke lelo. Bonke labo bantwana bakwaBranham babeqoqana bazungeze lapho, naphandle phambi kwendlu endala eyakhiwe ngezingodo, sizihuqe ngothuli phandle, sibukeke kuhle, kwesixuku sezilwane ezithwala izinyane lazo ngesikhwama esixhunywe ngaphambili ngaphandle kwesisu ekade zizihuqa othulini laphaya, uyazi, bonke abafowethu abancane. Sasiyisishiyagalolunye, nentombazanyana eyodwa, yayiphila kanzima phakathi kwesiqhoqho esingaka sabafana. Kepha siyayihlonipha namuhla nalezozinto esazenzayo ngalezozinsuku. Wayengenakuhamba nomaphi nathi, sasimxosha simbuyisele emuva, wayeyintombazane. Ngakho wayengenakukumela, niyazi. Ngakho sazi . . . Nakukho konke . . .

Ukhumbule ukuthi emuva kwetafula sasinezihlalo ezimbili qhwaba, zazakhiwe ngamagxolo egatsha. Kuthathwa amagxolo asengamaklume ahlanganiswe, bese kuthi ingaphansi liphicwe ngegxolo lomuthi. Ukhona osewake wasibona isihlalo esenziwe ngexolo lomhikori na? Yebo. Ngisamuzwa uMama. O, emva kwalokho sathola indawo eyayifakwe amapulangwe phansi, egone abantwana emathangeni akhe

*kanje*, ethunduzela abantwana ngokushaya isihlalo, asishaye, asishaye, ambambathe naphansi. Ngiyakhumbula uma kuvinjelwa abantwana bangaphumi emnyango, uma ewasha noma enzani, wayelalisa isihlalo ngamachopho sinqume emnyango, ukuvimbela abancane bangaphumi uma eya emfuleni ukuyokha amanzi nokunye.

UMama wayeneshumi nanhlanu ubudala mhla ngizalwayo, uBaba wayeneshumi nesishiyagalombili. Ngangingowokuqala kubantwana abayisishiyagalolunye. Bangitshela ukuthi ngokusa engazalwa ngakho . . .

Manje, sasimpofu okwangempela, simpofu okudlula impofana. Sasingenalo ngisho ifasitela kulendlwanyana yezingodo. Kwakunentwanyana esasivalo samapulangwe owawuyivula. Ngiyangabaza ukuthi nake nayibona into efana naleyo. Kwakusamnyangwana ofana namapulangwe owawuvulwa esikhundleni sefasitela, uyakuvula emini akuvale ebusuku. Sasingakhanyisi ugesi singakhanyisi ngisho isiphefu ngalezozinsuku, sasinalokhu enikubiza ngokuthi "ilambu likagilisi." Manje, angazi noma nike nazi ukuthi ilambu likagilisi kwakuyini. Yebo, nithi . . . Senake nathenga . . . nakhanyisa ngeqhuzu lesihlahla esiyishoba na? Uvele uthathe iqhuzu leshoba nje ulokhele bese ulibeka phezu kwesivalo, liyovutha. Bese uthi . . . ukufusefuseka, kepha babengenayo ifenisha, nokho, eyayingafuseka. Ngakho kwa . . . kufuseka indlu yamapulangwe. Yayiphuma kalula ngoba yayiningi indawo ophahleni phezulu laphaya yokudonsa intuthu. Ngakho ya . . .

Ngazalwa ngoNhlaba ziyi—ziyi 6, ngo 1909. Kusobala, niyazi, kungakho sengithe ukweqa kancane eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu manje. Ngakho, ngalokho kusa engazalwa ngakho, uMama uthi bavula ifasitela. Manje, sasingenabo odokotela, kwakukhona umbelethisi. Nje . . . Lowo mbelethisi wabe engugogo wami. Ngakho mhla ngizalwayo nokuqala kwami ukukhala, u—uMama wayefuna ukubona umntwana wakhe. Wa—wayengaseyona ingane yena ngokwakhe. Kwathi uma bevula ifasitelanyana, lapho nje kusantwela ezansi, cishe ngehora lesihlanu. Ne . . . Kwakukhona inyoni endala ebomvu esifubeni enombala onsundu ihlezi eceleni kwehlashana. Njengoba nonke nisibonile isithombe sayo e—encwadini yomlando wempilo yami. Inyoni endala yayihlezi lapho icula ngalolonke iphimbo layo.

Bengiyilokhu ngizithanda njalo lezizinyoni amarobini. Manje, nina bafana eningilalele emsakazweni, ningazidubuli izinyoni zami. Niyabo, ziyi—ziyi—ziyi . . . Ziyizinyoni zami. Senake nezwa ngenganekwane yalenyoni ebomvu esifubeni, ukuthi yenziwa yini ukuba ibe nesifuba esibomvu na? Ngizoke ngithi ukuma lapha okwesikhashana. Yasithola kanjani isifuba sayo esibomvu . . . Kwabe kukhona iNkosi yamakhosi eyayifa ngelinye ilanga esiPhambanweni, Wayehlupheka kakho oweza

kuYe. Wayengenamuntu ongaMsiza. Kwakukhona inyonyana eyayinsundu eyayifuna ukudoncula izipikili esiPhambanweni, yayilokhu indizela esiPhambanweni idluthula lezozipikili. Yayincane kabi ukuba ingazikhipha, yaze yababomvu esifubeni ngenxa yegazi. Kusukela lapho-ke isifuba sayo selokhu sababomvu. Ningayidubuli, bafana. Iyekeleni.

Yayihlezi eceleni kwefasitela, itshiyoza njengoba kuhlabelela amarobini. U—uBaba wayesefuqa ifasitela elivula. Lapho befuqa ifasitela mnyango belivula, lokho kuKhanya enikubona esithombeni kweza kuvunguza efasiteleni, kusho umama, kwema phezu kombhede. Ugogo kazanga ukuthi kufanele athini.

Manje, singa . . . kwakungesiwo umndeni okholwayo. Abantu bakithi bangamaKatolika. NgingumAyirishi nxazombili. Ubaba uyiIrishi lokuzalwa, uBranham. Umama ungumHarveyi; ngokoqobo, ubaba wakhe waganwa yiNdiya eliyiCherokee, ngakho lokho kwahlukanisa uzalo noma igazi lobuAyirishi. UBaba noMama akaze balubhade esontweni, abashadelanga esontweni futhi babengenankolo sanhlobo nje. Ezintabeni emuva laphaya kwakungekho ngisho ibandla eliKatolika. Ngakho bafika nabakhi bokuqala, oBranham ababili abafikayo, kusukela lapho ke kwavumbuka isizukulwane sakoBranham; umndeni wesizukulwane.

Wayesevula . . . Ngenkathi bevula lelifasitela lokhu kuKhanya kwama lapho, abazanga ukuthi kufanele benzeni. UBaba wayezithengele (kwasho uMama) iavaloni entsha yalomcimbi. Wayemi ne . . . izingalo zakhe zisesifubeni seovaloni endala, njengalawo ayesetshenziswa ngabasebenzi bezinkuni nabezingodo ngalezozikhathi. Kwabesabisa.

Yebo, emva kokuba sengivukile mhlawumpe senginezinsuku ezilishumi ubudala, noma okunye, bangithatha bangiyisa enhla esontweni elingengakanani lamaBaptisti elalibizwa ngokuthi "Opossum Kingdom." Isonto iOpossum Kingdom Baptist. Kwakuyigama lalo. Kwakukhona umshumayeli omdala wesifunda, umshumayeli oyimfashini endala yamaBaptisti wayefika lapho kanye njalo ezinyangeni ezimbili. Ngo . . . Abantu babekhonza kafushane nje ndawonye, babehamba bacule amaculo, kepha babejwayele ukushumayela kakhulu ngomgibeli walesosifunda. Babemkhokhela kanye ngonyaka ngesaka lamathanga nezinye izinto ezimbadlwana ezinjalo, niyazi, lokho abantu ababekuthola bamnike khona. Wafika ke umshumayeli omdala, wayesengenzela umkhuleko njengomfanyana phela. Ngangiqala ngqa ukuya esontweni.

Ngonyaka cishe . . . cishe iminyaka emibili ngaphezulu ubudala, kwabonakala umbono wokuqala.

Yebo, basebekhulumile kuleyondawo ezungeze izintaba ukuthi "Lokhu kuKhanya kwangena." Base bezama ke

ukuqagela. Abanye bathi kungenzeka kube ukukhanya kwelanga okwahlaba esibukweni endlini. Kepha kwakungekho sibuko lapho. Nelanga lalingakaphakami, ngakho kwakusesekuseni kakhulu, kuyihora lesihlanu ezimpondweni. Base ke, o, bavele baKuthalalisa nje. Lapho sengi . . . cishe sengisondele eminyakeni emithathu ubudala . . .

Manje, kufanele ngikhulume iqiniso. Kunezinto lapha engingathandi ukuzisho, futhi ngifisa ukuyedlulisa ngingayisho. Kepha nokho, ukukhuluma iqiniso, kufanele ukhulume iqiniso uma kuqondene nawe luqobo noma nabantu bakho. Qiniseka ngakho, futhi-ke kuhlala kufana.

Ubaba wami wayekude kabi nokuba ngumuntu okholwayo. Wayeluhlobo lomfana wasentabeni engaphuzi egila inganekwane, njalo nje. Wake wangena enkathazweni empini, kwaba khona amadoda amabili noma amathathu acishe afa elwa, kudutshulwana, besikana ngemimese, kwakusedilini elithizeni phezulu ezintabeni. UBaba wayengomunye wabaholi kulempi, ngoba kwakukhona umngane wakhe owalimalayo, futhi wayeshaye omunye ngesihlalo. Waye . . . Indoda yayikhiphe umese ifuna ukunquma umngane kaBaba owayelele phansi ngalomese, enhliziyweni yakhe, uBaba wayesethenga impi. Kusho ukuthi kwabe kuyimpi enzima impela, ngoba basuka, le eBurkesville, amamayela amaningi ukusuka lapho, bathumela iphoyisa lesifunda kuBaba, ligibele ihhashi.

Ngalokho indoda yayilele isiseduze kokufa. Kungenzeka ukuba abanye babantu bakubo balalele. Ngizombiza ngegama, uWill Yarborough kwakuyigama lakhe. Cishe babe . . . Ngicabanga ukuthi abanye babo useCarlifornia, owababafana bakhe. Kepha wabe eyisichukuluzi, indoda enkulu enamandla, wabulala umfana wakhe ngensimbi yokubiya. Ngakho wa—wayenamandla amakhulu futhi eyindoda embi. Ngakho kwaba khona impi enkulu yomese phakathi kwakhe noBaba. Ubaba wacishe wayibulala indoda, ngakho wabaleka washiya eKentucky wawela umfula waya eIndiana.

Wayenomfowabo owayehlala, ngalesosikhathi, eLouisville, eKentucky, wayengumsizi kansumpa eMshinini weziNgodo iMosaic eKentucky, eLousiville. Ngakho uBaba weza ukuzocinga umfowabo omdala. UBaba wayengomncinyane kunabobonke abafana, kubantwana abalishumi nesikhombisa. Ngakho weza ukuthola umfowabo omdala, esehambe cishe unyaka. Kabange esabuya, ngoba abomthetho babemfuna. Kwathi sesizwile ngaye ngencwadi, eyayisayindwe ngelinye igama, kepha ukuthi wabe etshele umama ukuthi uyomtshela ukuthi izinto zihamba kanjani.

Ngiyakhumbula ngelinye ilanga emthonjeni (kulendlwanyana yamapulangwe) wawusemvakwendlu nje. Nga—ngalesosikhathi emva . . . Kwakukhona

eziyisishiyagalolunye . . . sasishiyana ngezinyanga ezilishumi nanye nomfowethu ongelamayo, wayesakhasa. Ngangiphethe itshekazi esandleni sami, ngangizama ukumtshengisa ukuthi ngingaliphonsa kakhulu kangakanani lelitshekazi odakeni oludala, lapho umthombo wawukade ugelezela khona emhlabathini wenze umhlabathi ubeludaka. Ngezwa inyoni, yayicula phezulu esihlahleni. Ngabheka phezulu kulesosihlahla inyoni yandiza yahamba, kwathi, lapho isindizile, iZwi lakhuluma kimi.

Manje, ngiyazi ukuthi nicabanga ukuthi ngangingekucabange ngikukhumbule lokho. Kepha iNkosi uNkulunkulu OnguMahluleli, umhlaba namazulu nakho konke okukhona, uyazi ukuthi ngikhuluma iqiniso.

Leyonyoni, kwathi uma isuka indiza, iZwi lavela esihlahleni lapho kade kuhleli khona inyoni, linjengomoya uvunguzisa ihlathi, Lathi, “Uyohlala eduzane kwedolobha elithiwa yiNew Albany.” Sengihlale, kusukela ngiseneminyaka emithathu ubudala kuze kube kulesisikhathi, kungamamayela amathathu ngaseNew Albany, eIndiana.

Ngangena ngatshela umama ngalokho. Pho, wacabanga ukuthi ngabe ngiphupha noma ngokunye nje.

Kamuva sasuka saya eIndiana noBaba wahamba wasebenzela indoda, uMnu. Wathen, indoda eyisicebi. IWathen Distilleries ngelakhe. Futhi unemihlomulo emikhulu. Ungusozigidigidi eziNduneni zaseLouisville na—nasebholeni lombhoxo, njalo-njalo. Sahlala eduze kwalapho. UBaba njengendoda empofu, kepha wayengayekile ukuphuza, ngakho wa—wahamba wayokwakha ugologo lapho—uphekwa khona.

Ngalokho kwaba nzima kimina ngoba yimina engangingomdala ezinganeni. Ngangifike ngikhe amanzi, alomshini kagologo, ukupholisa lezozintambo ngenkathi benza ugologo. Wase eyawudayisa, wayeseba nemibili noma emithathu yaleyomishini kagologo. Manje, yileyo ngxenye engingathandi ukuyisho, kepha kuliqiniso.

Futhi ngiyakhumbula ngelinye ilanga, endlini yokukhweza izimpahla, ngikhuphuka ngiya endlini, ngikhala. Ngoba phandle ngemuva kuleyondawo kwakukhona ichibi, la . . . lapho babeqhephula khona iqhwa. Abaningi benu bayakhumbula lapho babeqhephula khona iqhwa balibeke emvuthwini yesaha. Yebo, yiyona ndlela uMnuz. Wathen ayegcina ngayo iqhwa lapho ezweni. UBaba wa—wayengumshayeli wakhe, umshayeli wangasese. Kwakuthi uma lelichibi ligcwele izinhlanzi kuthi uma beyoqhephula iqhwa balingenise balibeke emvithini yesaha, kuthi ke uma iqhwa lincibilika ngesikhathi sasehlobo uma lehla, lalihlanzeka ngiyethemba, lifane nechibi leqhwa, babelisebenzisa, kungesikho ukuphuza, kepha ukuze amanzi

ahlale ebanda, balibeke emabhakedeni abo nasobisini lwabo, nokunj alo.

Ngelinye ilanga ngithwele amanzi kade ngiwakha ngemuva phandle kulephampu, eyayithe qekelele. Ngangiklabalasa ngithi ngubani ongewathwale, ngoba ngangikade ngivela esikoleni nabobonke abafana babehambile beye echibini, ukuyodoba. Ngangikuthanda ukudoba. Ngakho bonke babeye kodoba kepha mina, kwakufanele ngithuthe amanzi alomshini kagologo. Impela, okwami, kwakungukuba ngithule, kwakungavunyelwe. Ngase ngi . . . Kwakungubunzima. Ngiyakhumbula ngifika lapho ngijuquke uzwani, ngangibophezele ihleza lommbila ngaphansi kozwani ukuze lungathint'inhlabathi. Senake nakwenza lokho na? Uvele ubeke ihleza lommbila ngaphansi kwezinzwani *kanje* bese ulibophezela ngentambo. Libamba liphakamise uzwani lwakho cishe njengekhanda lofudu, uyazi, libambelele. Wawungawubona umkhondo wami nomaphi lapho ngihambe khona, ngalelihleza lommbila lungaphansi kozwani lwami; lapho ngilinyathele khona, niyazi. Ngangingenazicathulo engangingazigqoka. Ngakho sasingakaze sizigqoke izicathulo, mhlampe ngesinye isikhathi phakathi nobusika. Uma sizigqokile, sa . . . kwakuba yilokho esikucoshile, esikunikwe ngumuntu. Nezingubo kube yilowo, onozwela asiphe.

Ngase ngima phansi kwalomuthi, ngangihlezi lapho ngimpongoloza (kwakunguMfumfu) ngoba ngangifuna ukuyodoba, kwakufanele ngithuthezele imiphongolo eminingi yamanzi ngalamabhakedana katiligi, ayephakeme *kangaka*, isigamu segalani, ngoba ngangingumfanyana oneminyaka cishe eyisikhombisa ubudala. Ngangiwathululela emphongolweni omkhulu ngibuyele emuva futhi ngiyolanda amanye amabhakede amabili, ngiwaphampe. Yilawomanzi esasinawo. Babezokwenza inqwaba kagologo owenziwe ngokolweni ngalobo busuku, lamadoda noBaba, phezulu endlini.

Ngangikhala, kwathi kungazelele ngezwa into ibanga umsindo njengesishingishane somoya, kuyinto eyayenza kanje (manje, ngiyethemba akuzukubanga umsindo kakhulu), kuhamba "Wuuuuhh, Wuuuuhh," umsindo onjalo nje. Yebo, kwakucethule, ngaqalaza. Uyazi ukuthini, isishingishane esincane somoya, ngiyethemba nizibiza ngokuthi izikhwishikazane ezincane. Ekupheleni konyaka ziyaziphephule ensimini kakolweni, niyazi, amakhasi nokunye, entwasabusika lapho, amakhasi aqala ukuphenduka. Ngangingaphansi kwesihlahla esikhulu somphophula esimhlophe, ngimi cishe phakathi naphakathi nendlu yezimpahla ne—nendlu yokuhlala. Ngawuzwa lowomsindo. Ngase ngiqalaza, kwakuthe cwaka njengakulendlu. Kwakungekho khasi elaliphephuka nomaphi, kungekho lutho. Ngase ngicabanga, "Uqhamukaphi lowomsindo na?" Yebo, ngacabanga, "Cishe awukho lapha eduzane." Ngisengumfana. Waya ngokuqhubeka kakhulu kakhulu.

Ngathatha amabhakedana ami ngakhalakhala izikhathi eziningana, ngase ngingena indlela, ngangiphumule. Sengihambe amanyathelo ambalwa ukusuka lapho, ngaphansi kwamagatsha alesisihlahla esikhulu, futhi, o, okwami, kwezwakala kuvunguza umoya. Ngaphenduka ukuba ngibuke, cishe ingxenye yebanga ukusuka phezulu kulesosihlahla kwaphinda esinye isishingishane somoya, kukulesosihlahla kuvunguvunguza, kunyakazisa lawomacembe. Yebo, angicabanganga-nto eyisimanga ngoba kwase kuyilesi sikhathi sonyaka entwasabusika, ini, lezozishingishane ziyafika. Ezincane . . . Sizibiza ngezi “khwishikazane.” Zi—ziphakamisa izintuli zibheke phezulu. Nike nizibone ogwadule zenzenjalo. Into efanayo. Ngakho ngaqaphela, kepha zange zange sisuke. Ngokuvamisile siyaye sivunguze nje isikhashana, bese siyahamba, kepha kwase kuphele imizuzu emibili noma ngaphezulu silapho.

Yebo, ngangena indlela futhi. Ngaphenduka ngasibuka futhi. Ngesikhathi Sikwenza, iPhimbo lomuntu elizwakala njengelami nje, lathi, “Ungalokothi uphuze, ubheme, noma ungcolise umzimba wakho noma ngayiphi indlela. Kuyoba nomsebenzi wakho okuyofuneka uwenze nxashane usukhulile.” Ini, kwangethusa ngacishe ngafa! Ungazibonela ukuthi umfanyana wethuka kangakanani. Ngawisa phansi lawo mabhakede, ngaqonda ekhaya ngokushesha okumangalisayo, ngimpongoloza kakhulu.

Kwakukhona izinyoka ezinesihlungu kulelozwe, izinyoka, futhi zinesihlungu esibi kabi. Umama wacabanga, engibona ngiqhamuka ngasesivandeni ukuthi mhlasimbe unyawo lwami lunyathele inyoka enesihlungu wagijima wangihlangabeza. Ngagxuma ngabambelela ezingalweni zakhe, ngikhala, ngagona kuye ngamanga. Wayesethi, “Kwenzenjani, ngabe ulunywe yinyoka na?” Wangibuka wonke umzimba.

Ngathi, “Qhabo, Mama! Kukhona umuntu kulesiyasihlahla ezansi laphaya.”

Wayesethi, “O, Billy, Billy! Ngitshele?” Wayesethi, “Ngabe uke wama wase uyolala na?”

Ngathi, “Qhabo, mama! Kukhona umuntu kulesiya sihlahla, futhi Ungitshele ukuba ngingaphuzi futhi ngingabhemi.”

“Ukuphuza ugologo ne—nezinto.” Ngangithutha amanzi ngiwasa emshinini kagologo ongekho emthethweni, kusukela lapho. Wathi, “Ungalokothi uphuze noma ungcolise umzimba wakho noma ngayiphi indlela.” Kungukuziphatha budlakadlaka, uyazi, nomntanami . . . ukujolana kwezinsizwa nezintombi. Ngokwazi kwami, kangikaze ngibenecala lokwenza leyonto nakanye nje. INkosi yangisiza kulezozinto, uzobona njengoba ngiqhubeka nje. Ngakho, “Ungaphuzi noma ungabhemi, nokuthi ungawungcolisi umzimba wakho, ngoba

kuyakubakhona umsebenzi wakho okuyofuneka uwenze uma usukhulile."

Yebo, ngakusho lokho kuMama, wa—wavele wangihleka nje. Nganginokuhayiza. Wabiza udokotela, udokotela wathi, "Cha, unokwethuka izanya nje, kuphela." Ngakho wangibeka embhedeni. Angibange, ngisaphinda kusukela lapho kuze kube kulesisikhathi, ngiphinde ngedlule kulesosihlahla futhi. Ngangesaba. Ngangihamba ngenye indlela esesivandeni, ngoba ngangicabanga ukuthi kwakukhona umuntu phezulu kulesosihlahla Wayekhuluma kimi, iZwi elikhulu elijulile elakhulumayo.

Ngelinye ilanga sekuphele inyanga emvakwalokho, ngangidlala izimabula phandle nabafowethu abancane, phandle egcekeni elingaphambili. Kwathi kusenjalo ngezwa into engejwayelekile ifika kimi. Ngema ngahlala phansi eceleni kwesihlahla. Sasisezinkwazini zoMfula iOhio. Ngabuka ezansi ngaseJeffersonville, ngabona ibhuloho lakhiwa laze layowela kulokho, umfula, lihamba phezu komfula. Ngabona amadoda alishumi nesithupha (ngawabala) agxambukela lapho afa kulelobhuloho. Ngagijima ngangena endlini ngokushesha ngatshela umama, wacabanga ukuthi kade ngilele. Kepha bakugcina emqondweni, emva kweminyaka engamashumi amabili nambili kusukela lapho sekuyiBhuloho likaMasipala manje (abaningi benu banqamula kulo uma niwela lapho) banqamula umfula kuyo yona leyondawo, amadoda alishumi nesithupha alahlekelwa yimpilo yawo akha lelobhuloho elinqamula umfula.

Kakuzange kuphuthe nhlobo kwaba liqiniso phaqa. Njengoba niKubona lapha ehholo, Bekuhlala kunjalo sonke isikhathi.

Manje, bacabanga ukuthi nganginokwethuka izanya. Yebo, ngingumuntu onokwethuka, kuliqiniso. Futhi, uma wake waqaphelisisa, abantu a—abahlala besemoyeni banokwethuka.

Buka kubalobi bezinkondlo nabaprofethi. Buka nakuWilliam Cowper owabhala leloculo elidumileyo, "Kukhona umthombo weGazi, owampompoza emthanjeni kaImanuweli." Senake . . . Niyalazi iculo. Ngema ethuneni lakhe esikhathini esingeside. UMfowethu Julius, ngithi impela, angazi, qha . . . yebo, kunjalo, wayenathi laphaya ethuneni lakhe. Na—nalapho, emva kokuba esebhale leloculo, ukuholwa ngumoya kwamshiya, wazama ukuthola u—umfula ukuze azibulale. Niyabo, umoya wase umshiyile. Abantu abanjengabalobi nababhali na . . . noma hhayi . . . Ngiqonde abaprofethi.

Buka ku Eliya, lapho emi entabeni ebiza umlilo wehla ezulwini ebiza imvula yehla ezulwini. Lapho uMoya umshiya, wabaleka esongelwa ngumfazi. UNkulunkulu

wamthola wambuyisela emuva emgedeni, emva kwezinsuku ezingamashumi amane.

Buka kuJona, egcwaliswe ngoMoya impela lapho iNkosi imgcobele ukushumayela laphaya eNineva, kwaze kwathi i—idolobha lalingalingana neSaint Louis, laphenduka ligqoke indwangu yesaka. Kwathi uma uMoya umshiya, kwenzekani kuyena na? Simthola entabeni emva kokuba uMoya umshiyile, ekhuleka kuNkulunkulu ukuba athathe impilo yakhe. Futhi, uyabo, kungokuholwa. Nalezizinto uma zenzeka, kwe—kwenzeka into ethize kuwe.

Futhi, ngiyakhumbula ngisakhula. Ngabesengilibhungu (ngizozama ukufishanisa.) Lapho sengilibhungu nganginezinhloso. Njengawo onke amabhungu ngi . . . ngiya esikoleni, ngangithi ngizozitholela amatshitshana. Niyazike, nganginamahloni kabi, niyazi. Nga—ngaze ngathi ekugcineni ngazitholela intonjana yami. Nanjengawo wonke amabhobhodleyana, cishe nganginemin yaka elishumi nesihlanu ubudala, ngicabanga ukuthi kulapho nje. Nga—ngakho, o, yayiyinhle. Sukanini, inamehlo sengathi awejuba, yayinamazinyo sengathi awobuhlalu obuligugu, nentamo sengathi eyenyoni enjengedada, ya—kwakungusuka-sambe.

Nomunye umfanyana, wa . . . sasingobhuti, ngakho wathatha uhlobo oluyiT Fodo, endala kayise, sasesinquma usuku lokubonana nezintombi zethu. Sasizozithatha siphume, siyozishayelwa ngumoya. Sasinawo uphethilolo owaneleyo, cishe amagalani amabili. Saphakamisa isondo langemuva ukuze siyidumise. Angazi noma nisengakukhumbula lokho noma qha, niyazi, ukuyidumisa. Nokho sa—sasihamba kahle kakhulu.

Ngakho nganginohlweza olumbadlwana ephaketheni lami, sasesima endaweni encane sathola . . . wawungathenga izingcezu ezimbili zesinkwa ezifakwe inyama yengulube ngozuka. Ngakho, o, ngangicebile, ngangingathenga ezine ezibhangqiwe! Uyabo? Emva kokuba sesiwadlile amasemishi saphuza isiphuzo ikhokhakhola. Ngase ngibuyisela amabhodlela emuva. Ngamangala, lapho sengiphuma, (izintokazi zaseziqalile ukuveza isimilo sazo, ngalesosikhathi, kumbe ukuziphathisa okwabesifazane) ijubanyana lami lalibhema usikilidi.

Yebo, ngangihleli nginqumile ukuthi angiyikumthatha umuntu wesifazane obhema usikilidi, akaze ngiguquke nakanye kulokho kusukela lapho. Kunjalo. Yinto ephansi kunazo zonke angayenza. Futhi kuliqiniso ngokoqobo lokho. Nga—ngacabanga . . . Manje, inkampani kasikilidi ingangithathela izinyathelo ngalokhu, kepha, ngiyanitshela, ungukubhasha kukaDeveli. Ungumbulali omkhulu kunabo bonke nombhidlizi walesisizwe. Ngingaqoka ukuba umfana wami abeyisidakwa kunoma abeyimbemi kasikilidi. Yiqiniso lelo. Ngingaqoka

ukuba umkami ngimbone ethe ja phansi, edakiwe, kunokuba ngimbone ephethe usikilidi. Kungakho . . .

Manje, loMoya kaNkulunkulu onami, uma Lowo kunguMoya kaNkulunkulu (njengoba ungabuza), wena obhema usikilidi unethuba elincane uma ufika lapho, ngoba kungu . . . njalo nje. Uyakuqaphela emsamo epulupiti, ukuthi Ukugxeka kangakanani. Uyinto embi kabi. Uyeke, zintombi, uma ubunecala lalokho, ngiyakunxusa, eGameni likaKristu, uyeke! Uyakubulala. Uyokubulala. Uyo . . . Ungu—uyinqwaba yomdlavuza.

Odokotela bayazama ukunexwayisa. Pho banganidayisela kanjani leyonto no! Uma ungaya esitolo semithi yokwelapha ufike uthi, "Thenga . . . Ngifuna ukuthenga umdlavuza wesihlanu sosheleni." Ini, bangafike bababophe. Kepha uma uthenga usikilidi onani lawo lingamashumi ayisihlanu amasente, usathenga into efanayo. Odokotela basho njalo. O, lesisizwe esihlanyiswa yimali. Kubi kabi. Ungumbulali. Kufakazelekile.

Yebo, lapho ngibona lesosimomondiya esisesincane sizenza ngcono, nalosikilidi esandleni saso, kwathi mangiqhume, ngoba ngangithi ngiyithanda angizenzisi. Ngase ngicabanga, "Yeboke . . ."

Manje, ngaziwa njengo "zonda abesifazane," niyakwazi lokho, ngoba ngihlale njalo ngiphambana nabesifazane, kepha angiphambene nani boDadewethu. Kuphela nje ngiphambene nendlela abenza ngayo abesifazane bamanje. Kuyilokho impela. Abesifazane abaziphethe ngesizotha bamelwe ukuhlonishwa.

Kepha ngisakhumbula umshini kagologo kababa usenhla laphaya usebenza, ngangilapho phandle namanzi nokunye, ngabona amantombazane ayeneminyaka engakevi eshumini nesikhombisa leminyaka, ayeneshumi nesishiyagalombili leminyaka ubudala, elapho enendoda endala ngangami njengoba ngingaka nje, edakiwe. Babewanika ikhofi elimnyama ukuqeda utshwala, ukuze akwazi ukuya ekhaya ayophekela abayeni bawo ukudla kwakusihlwa. O, yintoni nje enjalo, ngathi, "Nga . . ." Ngaqala laphoke ukuphawula, "Bangcole lokhu okuxaka ukwenza." Kunjalo. Ngase ngiyabazondake abesifazane. Kunjalo. Sengihlala ngiqaphile manje okuthi chwe, ukuze ngingalokhu ngicabanga ngento efanayo.

Ngakho, kepha manje, owesifazane olungileyo uligugu emqheleni wendoda. Kumelwe ahlonishwe. U . . . Umama wami ungowesifazane, kanjalo nomkami, bayathandeka. Futhi nginabaZalwanekazi abayizinkulungwane engibahlonipha kakhulu. Kepha uma—uma bengahlonipha ngendlela uNkulunkulu abenza ukuba bahloniphe ngayo, umama weqiniso nendlovukazi yangampela, nakho okufunekayo. Ungenye yezinto ezinhle kakhulu uNkulunkulu angazinika indoda,

kwakungumfazi. Ngaphandle kwensindiso, umfazi uligugu eledlula konke uma engumfazi oqotho. Kepha uma engenjalo, uSolomoni wathi, "Owesifazane olungileyo uligugu emqheleni wendoda, kepha o—omubi noma onga-lungile ungamanzi egazini layo." Futhi kunjalo, kuyinto embi kabi uma kwenzeka. Ngakho owesifazane olungileyo . . . Uma unomfazi olungileyo, mfowethu, kufanele umnikeze inhlonipho yonke. Kunjalo, umele wenzenjalo. Owesifazane oqotho! Futhi, bantwana, uma ninomama oqotho ohlala ekhaya azame ukuninakelela, anihlanzele izingubo zenu, aniyise esikoleni, anifundise ngoJesu, kufanele nimhloniphe lowomama omuhle ngayoyonke inhlonipho yenu. Kumele nimhloniphe lowo wesifazane, yebo, mnumzane, ngoba ungumama impela.

Bakhuluma ngongqimu basezintabeni zaseKentucky. Niyakubona lapha kwabagqoka izingubo zikasilika. Abanye komama abadala lapho bangeza lapha eHollywood banifundise nina bomama abayisimodeni ukuthi abantwana benu kumele nibakhulise kanjani. Uma kungafika inganyana yakhe ngobunye ubusuku nezinwele ezimahliphihliphi, nezindebe . . . namapitikoti, (nikubiza ngokuthi yini lokho?) lopende abawugcoba ebusweni babo, nezingubo zayo zimpintsheke zabheka nhlanye, kade ingekho ubusuku bonke, idakiwe, mfowethu, iZwi lingayishaya iqonde ngqo ingephinde ibe ngumlala-ndle. Ngiyakutshela, inga . . . Kumbe uma ubunayo ingcosana yalokho, ubuyoba neHollywood engcono lapha, nesizwe esingcono. Kunjalo. Kuliqiniso. "Zama nje ukuba ube yisimodeni," lokho—lokho kungokunye kwamacebo kaDeveli.

Manje, lentombazanyana, ngenkathi ngiyibuka, inhliziyo yami yavele yopha. Ngacabanga, "Isencane kangaka pho."

Yayisithi, "O, uyawuthanda usikilidi, Billy?"

Ngathi, "Qhabo mama." Ngathi, "Angibhemi."

Yathi, "Manje, uthe awudansanga." Babefuna ukuya emdansweni kangakwenza. Ngakho babethe kwakunomdanso ezansi laphaya, ababethi kuseSycamore Gardens.

Ngase ngithi, "Qhabo, angidansi."

Yathi, "Manje, awudansi, awubhemi, awuphuzi. Kanti yini wena ozijabulisa ngayo na?"

Ngathi, "Kukanje, ngithanda ukudoba izinhlanzi ngithanda nokuzingela." Lokho ayikuthandanga.

Ngakho yathi, "Thatha nanku usikilidi."

Ngathi, "Qhabo, mama, ngiyabonga. Kangibhemi."

Ngangimi phezu kwesidutshwa. Babefaka ipulangwe eliphephethayo kulezizimoto ezingamaFodo amadala, niyakhumbula, ngangimi kulelipulangwe, ihlezi esihlalweni esingemuva, kanye nami. Yayisithi, "Usho ukuthi ngeke

uwubheme usikilidi na?" Yathi, "Thina mantombazane yithina esinesibindi kakhulu kunani."

Ngase ngithi, "Qhabo, mama, angikholwa ukuthi ngithanda ukubhema."

Yathi, "Yini, lesisitabanekazi!" O, mina! ngangifuna ukuba nguBill, omubi omkhulu, ngakho nga—ngangingafuni kwasanhlobo ukuba ngibizwe ngesitabane. Uyabo, ngangifuna ukuba yisiqhwaga, kwakuyisifiso sami leso empilweni. Ngakho ngathi . . . "Isitabane! Isitabane!"

Ngangingenakukumela lokho, ngakho ngathi, "Ulethe Kimi!" Ngawemukela, ngathi, "Ngizoyitshengisa ukuthi ngiyisitabane noma qha." Ngawukhipha lowosikilidi ngaqala ukuwokhela. Manje, ngiyazi ni . . . Manje, kanginacala kulokho enikucabangayo, nginomthwalo wokuba nginitshele iqiniso. Lapho ngiqala ukuwokhela lowosikilidi, sengithi ngiyawusa nje emlonyeni njengoba ngingathatha leliBhayibheli, uyabo, ngezwa into ethi, "Wuuuhh!" Ngazama futhi, angizange ngiwubeke emlonyeni wami. Ngakhala, ngawulahla phansi. Bangihleka. Ngasuka ngaya ekhaya, ngahamba nganqamula ensimini, ngahlala phansi lapho, ngikhala. Kwa—kwakuyimpilo emuncu kabi.

Ngiyakhumbula ngelinye ilanga uBaba wayehla eya emfuleni nabafana. Mina nomfowethu, sathatha isikebhe sehla senyuka nomfula, sifuna amabhodlela okufaka ugologo. Sasithola uzuka ngedazini lawo, siwacosha osebeni lomfula. UBaba wayekanye nami, wayephethe elinye lalawo amancane ayisicaba . . . Ngikholwa yikuthi ayecishe abeyisigamu kulamabhodlela angamaphayinti. Kwakukhona isihlahla esasiwiswe ngumoya, uBaba . . . lendoda yayinaye, enguMnu. Dornbush. Ngangine . . . Wayenesikebhe esihle, ngazidlisa satshanyana ngakuye ngoba ngangifuna ukusisebenzisa lesosikebhe. Sasinesigwedlo esihle kanti esami sasingenaso nhlobo isigwedlo. Sasinamapulangwe amadala esasisigwedla ngawo. Uma engangivumela ngisebenzise lesosikebhe . . . Ngakho, wayeshisela wenzela uBaba isigayo sikagologo. Ngakho wa . . . Base begibela kulesosihlahla, uBaba wayesehosha isimehlane sebhodlela likagologo ephaketheni lakhe elingemuva, wamnikeza lona wayesephuza, wawubuyisela kuBaba naye waphuza, wayeselibeka phansi emxhakeni eceleni kwesihlahla esasiphumile. UMnu. Dornbush walithatha, wathi, "Nazo, Billy."

Ngathi, "Ngiyabonga, angiphuzi."

Wathi, "UngowakwaBranham, awuphuzi?" Bonke, cishe bafa beyizinkakha. Wayesethi, "UngowakwaBranham, kepha awuphuzi?"

Ngathi, "Qhabo, mnumzane."

"Qhabo" Sekusho uBaba, "Ngazala isitabane."

Ubaba wami angibize ngesitabane! Ngathi, "Letha lapha lelobhodlela!" Ngasho ngasivula isivalo salo, ngiqonde ukuwuphuza, sengithi ngiyaliphakamisa nje, "Wuuuhh!" Ngalibuyisela emuva ibhodlela ngemba ngembulula ngidabula ngehla ensimini njengonyazi, ngikhala. Lento yayingengivumele ngiphuze. Uyabo? Ngangingeke ngisho ukuthi ngangilungile (ngangihlose ukukwenza), kepha nguNkulunkulu, umusa, umusa omangalisayo owangivimba ngingazenzi lezozinto. Ngangifuna ukuzenza, ngokwami, kepha Kangivumelanga ukuba ngikwenze.

Emva kwalokho ngathola intombi sengineminyaka cishe engamashumi amabili nambili ubudala, yayithandeka. Yayiyintombi eyayisonta, eGerman Lutheran. Igama layo kwakunguBrumbach, B-r-u-m-b-a-c-h, lisukela egameni likaBrumbaugh. Wayeyintombi enhle. Wayengabhemi noma aphuze, noma—noma azange adanse noma enze noma yini, intombi enhle. Ngake ngathi ukuhambahamba nayo, lapho ngase ngineminyaka cishe engamashumi amabili nambili. Ngase ngiqongelele ngokwanele imali ngaze ngazithengela iFodo endala, nga . . . sasike sizishayelwe ngumoya sobabili. Ngakho, ngalesosikhathi, kwakungekho sonto lamaLuthela elaliseduzane, base besukile eHoward Park enhla laphaya.

Ngakho kwakukhona umfundisi, lowo owangigcoba eMishini yebandla lama Baptisti, uDokotela Roy Davis. UDade Upshaw . . . Yena lo owathumela kimi uMfowethu Upshaw, noma owakhuluma kuye ngami, uDokotela Roy Davis. Ngakho wayeshumayela, wayenebandla iFirst Baptisti, noma i—i . . . Sengathi kwakungesilo ibandla iFirst Baptisti, kwakuyiMishini- . . . lalibizwa ngeMishini yebandla lamaBaptisti eJeffersonville. Wayeshumayela endaweni ngalesosikhathi, siya esontweni ebusuku, ngakho . . . sibuye sibuye. Kangizange ngizihlanganise nesonto, kepha ngangithanda ukuhamba naye. Ngoba inhloso enkulu kwakunguku "hamba naye." Kufanele phela ngikhulume iqiniso.

Ngakho-ke ukuhamba naye, ngelinye ilanga nga . . . Wayezalwa ngumndeni omuhle. Ngase ngiqala ukucabanga, "Uyazi, uyazi, kwakungafanele ngidlale ngesikhathi saleyo ntombazane. Akuk—akukuhle, ngoba yintombazane enhle, mina ngimpofu futhi—ngi . . . " Ubaba wami wayengumuntu ohlala ngokugula, mina ngi—ngi . . . Ngangingenakuyondla leyontombazane ngokupheleleyo, eyayiphila ekhaya elimi kahle elinokhaphethi phansi.

Ngiyakhumbula ukhaphethi wokuqala engangiqala ukuwubona, ngangingazi ukuthi kwakuyini. Ngawuzungeza. Ngangicabanga ukuthi kwakuyinto enhle kakhulu esengake ngayibona empilweni yami. "Bangayibeka kanjani lento enjena phansi na?" Ngangiqala ngqa ukubona ukhaphethi. Wa—

wawungeminye yalaba . . . Ngikholwa yikuthi ubizwa ngokuthi "okhaphethi abelukiwe." Kungenzeka ukuba angisho kahle. Kucishe kufane nento "ephiciwe" noma yinto elukwe ngemicu, endlalwa phansi. Iyinhle ngokuluhlaza-tshani nokubomvu, nembali enkulu ebomvu ephakathi nendawo, uyazi. Kwakuyinto enhle.

Ngakho ngiyakhumbula nga—ngacabangisisa ukuthi kuphakathi kokuthi ngimcela sishade, noma ngimdedele ashade insizwa engcono, umuntu oyakumphatha kahle, amondle amnakekele. Ngangingamnakekela, kepha ngi—ngi—ngangibhala uthubhobho ngehora. Ngakho ngangingekhone ukumondla. Nga . . . Kulowomndeni okwakumele siwondle, noBaba esecindezelwe ngukugula, yimina okwase kumele ngibanakekele bonke, ngakho ngazithola ngisebunzimeni.

Ngakho ngacabanga, "Yebo, okumele kuphela ngikwenze ngukuba ngimtshele ukuthi ngi—ngi—(yena)—ngi—ngingeke ngisabuya, ngoba ngacabanga kakhulu ngokumchithela impilo yakhe ngibe yilokhu ngimenza isilima sami." Ngase ngicabanga, "Uma kungabakhona ongamthatha amshade, amakhele ikhaya elihle. Uma mhlawumpe mina ngingamshadi, bengi—bengiyokwazi ukuthi ubeyobe uthokozile."

Ngakho ngacabanga, "Kepha ngi—nginge—ngingeke ngimdedele!" Nga—nga—ngisengxakini. Usuku nosuku ngangihlale ngicabanga ngalokhu. Kepha nganginamahloni okumcela ukuba angigane. Njalo ebusuku ngangihlale ngithi emqondweni wami, "Ngizomcela." Lokhu, yini, yini leyo, izimvemvane, lokhu okuthola konje . . . ? Nonke bazalwane lapho cishe senake nadlula kulokho. Leyongebhe, ubuso bami babushisa. Nga—ngangingazi. Ngake ngathi ukuma ukumcela.

Cishe niyamangala ukuthi pho ngashada kanjani. Niyazi ukuthini? Ngambhalela incwadi ngamcela ngayo. Ngakho wa . . . Manje, angiqalisanga ngokuthi, "Nkosazane ethandekayo," isingeniso sasi (niyazi) gxile kakhulu kwezothando kunalokho. Kwakungesisona nje i—isivumelwano, kwaku . . . Nga—ngayibhala ngobukhulu ubunyoninco.

Ngangimesaba unina. Unina waye . . . wayenolaka. Kepha, kanti uyise waye ngumDashi ozilungele omdala, umuntu omdala nje bandla ozilungele. Wayengumgqugquzeli wobudlelwano nomqeqeshi wezinsizwa kwezomgwaqo kaloliwe, ngalezozikhathi zabo wayehola cishe amakhulu amahlanu amadola ngenyanga. Mina ngangibhala uthubhobho ngehora, ukuze ngishade indodakazi yakhe. Wo! Ngangizibonela nje ukuthi soze ngaphumelela. Nonina waye . . . Manje, usengumuntu ophansi. Waye—wayengomunye walabo abadla izambane likapondo, niyazi, eyisicwicwicwi, uyazi, ngakho wayengangishayi-mkhuba. Ngangingumqwalatshe nje omdala womfana wasemakhaya, wayecabanga ukuthi uHope

uyothathwa ngumfana wezinga eliphakeme, mina ngi—ngi—ngicabanga ukuthi wayeqinisile. Ngakho . . . Kepha a—angikucabanganga ngalesosikhathi.

Ngakho ngacabanga, "Yeboke, manje, angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Ngi—ngingeke ngimcele kuyise, futhi a—angisoze ngamcela kunina. Futhi ngakho kumele ngicele yena kuqala." Ngakho ngazibhalela incwadi. Ngalelolanga ekuseni ngiya emsebenzini, ngayifaka esigxotsheni seposi. Ukuposi . . . Sasiya esontweni ngobusuku bangolwesiThathu, lokho kwenzeka ngoMsombuluko ekuseni. Ngazama ilanga lonke ngeSonto ukumtshela ukuthi ngangifuna ukushada, kepha 'zange ngibe nesibindi sokukhuluma.

Ngakho ngase ngiyifaka esigxotsheni seposi. Kwase kuthike ngisemsebenzini ngalelolanga ngacabanga, "Ngiyothini uma unina eseyithola leyoncwadi na?" O, hhe! Ngazi kahle ukuthi kobe ngifile uma—uma kwenzeka eyithola, ngoba wayengeya. Yebo, ngangiconsa izithukuthuku.

Kwathi ngalobobusuku bangolwesiThathu sengibuya, o, hhe, ngacabanga, "Ngizokuya kanjani enhla laphayana na? Uma unina eyitholile leyoncwadi uyongidla angifele, ngakho ngethemba ukuthi uyitholile." Ngangiyikhele ngo "Hope." Kwakuyigama lakhe lelo, uHope. Ngakho ngathi, "Ngizakuyibhala lapha ngiyibhekise kuHope." Ngakho . . . Ngacabanga ukuthi hleze kungenzeka ukuthi akayitholanga.

Ngakho ngabona kungcono ukuma ngaphandle ngimshayele ihudi ukuze aphume. O, hhe! Nanoma yimuphi umfana ongenaso isibindi sokuya endlini angqongqothe emnyango acele intombazane, kafanele ngukuhamba nayo. Kunjalo. Kungubuthutha. Kungukuzilulaza.

Ngakho ngamisa iFodo yami endala, uyazi, ngangiyipholishile imanyazela. Ngakho ngakhuphuka ngafike ngangqongqotha emnyango. Maye, unina uza emnyango! Ngaphelelwa ngumoya, ngathi, "Ni—ni—ninjani, Nkk. Brumbach?" Yebo.

Wathi, "Ninjani, William."

Ngathi ngenhliziyo, "Awu, uthi, 'William!'"

Waye—wayesethi, "Ungengene?"

Ngathi, "Ngiyabonga." Ngangena ngaphakathi emnyango. Ngathi, "Ngabe uHope uselungile nje na?"

Khona manjalo nakhu sekuqhamuka uHope engqabashiya endlini, eseyintombazane cishe eneshumi nesithupha leminyaka. Wayesethi, "Kunjani, Billy!"

Ngithi, "Kunjani, Hope." Ngase ngithi, "Ngabe usukulungele nje ukuya enkonzweni na?"

Wayesethi, "Ake ungimele kancane."

Ngacabanga, "O, hhe! Akayitholanga. Kazange ayithole. Kwangcono, kwangcono, kwangcono. NoHope kanti akayitholanga, ngakho kuzoba ngcono, ngoba ubezongitshela." Ngakho ngezwa kuthi gidi.

Kwathi sengiphumile esontweni, ngacabanga, "Uma kwenzeka ukuthi mhlawumbe uyitholile?" Uyabo? Futhi 'zange ngizwe ukuthi uDokotela Davis wayethini. Ngangizibukela yena, ngacabanga, "Uma mhlawumbe nga uyangifihlela, mhlawumbe uzongitshela uma ngiphuma lapha, uma ngimbuza ngalokho." Kangikuzwanga okwakukhulunywa nguMfowethu uDavis. Nga—ngangilokhu ngibuka yena, ngacabanga, "O, soze ngamdedela, kepha . . . Futhi nga—nga . . . ngizonqwamana naye phandle."

Kwathi emva kwenkonzo saqala sahamba sehlisa umgwaqo sobabili, siya ekhaya, sa—sasesiya kwiFodo endala. Sonke lesisikhathi unyezi uthe bha, uyazi, ngangimuthi klemu wayemuhle. Mfo, ngangithi uma ngimbuka, ngicabange, "O, ngifisa kanjani nje ukuba abe ngowami, kepha angikwazi."

Ngakho ngathi ukuhambahamba, uyazi, ngabuye ngambuka futhi. Ngathi, "Ku—kunjani kodwa kulobubusuku?"

Wathi, "O, hhayi qha ngiyaphila."

Sayimisa iFodo endala ezansi sase siphuma, uyazi, sayigudla eceleni, sajikela ekhoneni siya endlini yakubo. Ngangihambisana naye siqonde emnyango. Ngacabanga, "Uyazi ukuthini, cishe kayitholanga incwadi, nami angikhohlwe yiyo. Ngisenalo elinye iviki lomusa." Ngakho ngazizwa senginesibinjana.

Wayesethi, "Billy?"

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Ngiyitholile incwadi yakho." O, hho!

Ngathi, "Uyitholile?"

Wayesethi, "Ehhe" Yebo, wayelokhu eqhubeka ehamba, kaphindange asho elinye izwi.

Ngacabanga, "Nkosazana, ngitshele okuthile. Ngale noma ungitshele ukuthi ucabangani ngayo." Ngase ngithi, "Ngabe u—uyifundile na?"

Wathi, "Ehhe."

O, uyazi ukuthi umuntu wesifazane uke akushikilise kanjani. O, angi—bengingasho ngaleyondlela, uyabo. Uyabo? Kepha, noma kanjani, uyazi, nga—ngacabanga, "Yini ungaphumi nazwi na?" Uyabo, ngayilokhu ngiqhubeka. Ngathi, "Uyifunde yonke na?"

Wayese . . . [Akuthwetshulwanga—Umhl.] "Ehhe."

Ngakho sase sesiseduze nomnyango, ngase ngicabanga, "Mfana, musa ukungishiya egosini, ngoba ngeke ngakwazi ukuwashiya, ngakho ngitshele manje." Ngase ngilinda.

Wayesethi, "Billy, ngiyathanda ukwenza lokho." Wathi, "Ngiyakuthanda." UNkulunkulu abusise umphefumulo wakhe manje, useNkazimulweni. Wathi, "Ngiyakuthanda." Wathi, "Ngicabanga ukuthi kumele sitshele umzali wethu, abazali ngalokhu. Ubona kanjani wena?"

Ngithi, "S'thandwa, lalela, asikwenze ngokulinganayo." Ngathi, "Ngizotshela uyihlo uma nawe uzotshela unyoko." Ngamnikeza enzima ingxenye zisuka nje.

Wathi, "Kulungile, uma nje uzotshela uBaba kuqala."

Ngathi, "Kulungile, ngizomtshela ngeSonto ebusuku."

Bafikake ubusuku bangeSonto obungaliyo, ngambuyisa ekhaya siphuma esontweni nga . . . Wayelokhu engibuka. Ngase ngibuka, laligamenxe elesishiyagalolunye, kwase kuyisikhathi sami sokuba ngihambe. Ngakho uCharlie wayehlezi edesikini lakhe, ebhala ngomshini. UNkk. Brumbach wayehlezi ngale kwegumbi, ezinithela, uyazi, lezinalithana abanitha ngazo, uyazi. Angazi ukuthi nikubiza ngokuthi kuyini. Ngakho wayezenzela lowo-msebenzi wakhe. UHope wabe elokhu engibuka, wangihwaqela, uyazi engikhomba kuyise. Khona ke nga . . . O, maye! Ngacabanga, "Ngiyothini uma ethi, 'Ngeke'?" Ngakho ngaqala ukuya ngasemnyango, ngathi, "Qha, sengicela ukunishiya."

Ngaya ngasemnyango, nga—ngakho waqala noHope ukuya ngasemnyango kanye nami. Wayevamise njalo ukuma emnyango athi kimi "uhambe kahle." Ngaya ngasemnyango, wathi, "Awuzukumtshela na?"

Ngathi, "Hah!" Ngathi, "Ngizozama impela, kepha ngi—ngi—angazi ukuthi ngizokwenza kanjani."

Wayesethi, "Ngizobuyela emuva bese umcela ukuba aphume." Ngakho wabuyela emuva wangishiya ngimile lapho.

Ngathi, "Charlie."

Wayesephenduka wathi, "Yebo, Bill?"

Ngathi, "Ngicela ukukhuluma nawe umzuzu nje?"

Wathi, "Kulungile." Waguquka edeskini lakhe. UNkk. Brumbach wambuka, wabuka uHope, wayesebuka mina.

Ngase ngithi, "Ungaphumela lapha egosini na?"

Wayesethi, "Yebo, ngizophumela." Wayeseyaphumela ke egosini.

Ngathi, "Impela licwathile kulobubusuku, akunjalo?"

Wayesethi, "Yebo, linjalo."

Ngathi, "Impela kade lifudumele."

“Impela belinjalo,” wangibuka.

Ngathi, “Bengisebenza kanzima,” Ngathi, “uyazi, ngisho nezandla zami zibonakala zinesikofu.”

Wayesethi, “Ungamthatha, Bill.” O, maye! “Ungamthatha.”

Ngacabanga, “O, kwangcono.” Ngathi, “Uqinisile Charlie, na?” Wathi . . . Ngathi, “Buka, Charlie, ngiyazi ukuthi uyindodakazi yakho, futhi wena unayo imali.”

Wayesesondela engibamba ngesandla. Wathi, “Bill, lalela, imali ayisiyona yonke into esempilweni yomuntu.” Wathi . . .

Ngathi, “Charlie, ngi—ngibhala uthubhobho kuphela ngehora, kepha ngiyamthanda naye uyangithanda. Futhi ngiyakwethembisa, Charlie, ukuthi ngiyosebenza kuze kuthi lezi . . . zize zipatshake lezizikofu ezandleni zami, ukuze ngimondle. Ngiyobaqotho kuye ngayo yonke indlela.”

Wathi, “Ngiyakholwa yilokho, Bill.” Wathi, “Lalela, Bill, ngifuna ukukutshela.” Wathi, “Uyazi, injabulo, ayenziwa nhlobo yimali ukuba ujabule.” Wathi, “Kuphela mphathe kahle. Futhi ngiyazi ukuthi uyokwenza.”

Ngathi, “Ngiyabonga, Charlie. Ngiyaqinisa ukuthi ngiyokwenza lokho.”

Kwase kuba yithuba lakhe-ke ukuba atshele uMama. Angazi ukuthi waqala ngaphi, kepha sashada.

Ngakho, sesishadile, sasingenalutho, singenalutho okwasendlini. Ngiyethemba sasinamadola amabili noma amathathu. Sase siqasha indlu, yayisibiza amadola amane ngenyanga. Kwabe kuyindawo enamakamelwana amadala amabili. Omunye wasipha umbhede omdala ogoqwayo. Angazi noma ukhona yini osewake wawubona umbhede omdala ogoqwayo na? Basinikeza wona-ke. Ngehla ngaya kwaSears noRoebucks ngathenga itafula elincane nezihlalo ezine, futhi la—lalingapendiwe, uyazi, sakuthola lokho ngesikhathi. Ngakho-ke ngase ngiya kuMnuz. Weber, odayisa izimpahla ezingasadingeki, ngathenga isitofu sokupheka. Ngasikhokhela amashumi ayisikhombisa nanhlanu amasente, izinsimbi zaso zaba yidola nemfahlalalana. Saqala ukuba nento yasendlini. Ngikhumbula ngithatha izitulo ngizipenda ngomhlobiso wamacembe amathathu, ngenkathi ngizipenda. Lapho-ke, o, sasijabule, nokho. Sasesindawonye, yilokho kuphela okwakusemqoka. NoNkulunkulu, ngomusa waKhe nangobuhle baKhe, sazibona siyizithandani ezisezintsha ezijabule kakhulu ukudlula wonke umuntu emhlabeni.

Ngathola lokhu, leyonjabulo ayisikhona ukuthi unempahla engakanani ezweni, kepha kungukwenelisw a yilokho onakho.

Futhi, ngasemva kwalokho, uNkulunkulu wehla wabusisa ikhayana lethu, sathola umfanyana. Igama lakhe kwabe kunguBilly Paul, nangu enkonzweni khona lapha.

Esikhashaneni esingengakanani emva kwalokho, cishe emva kwezinyanga ezilishumi nanye, Wasibusisa futhi ngentombazanyana esayiqamba ngoSharon Rose, kususelwa ezwini elithi "IMbali yaseSharoni."

Futhi ngiyakhumbula ngelinye ilanga ngase ngiqongelele imali yami ngangizohlaba ikhefu, ngikhuphukele endaweni, ePaw Paw Lake, ukuyodoba. Sengibuya . . .

Ngalesisikhathi . . . Sengishiya ukuphenduka kwami. Ngase ngiphendukile. Ngagcotshwa nguDokotela Roy Davis, eMishini yesonto lamaBaptisti, ngiba ngumfundisi ngaba neTabernakele leli manje engishumayela kulo eJeffersonville. Ngangelusa ibandla eliyingcosana. Futhi nga . . .

Kwakungekho-mali, ngaba ngumelusi ebandleni iminyaka elishumi nesikhombisa ngingatholi ngisho indibilishi. Angikholelwanga ekutha-. . . Kwakungekho ngisho ipuleti lomnikelo kulo. Nalokho kweshumi enganginakho emsebenzini, nokunjalo, sasinebhokisanyana emva kwendlu, okwakulotshwe kulo ukuthi, "Enikwenzile kulaba abancinyane baMi, nikwenzile nakiMi." Lalikhokhelwa kanjalo ke ibandla. Sanqunyelwa iminyaka elishumi ukuliqeda ngemali yokwebolekwa, kepha lakhokhelwa laqedwa ngaphansi kweminyaka emibili. Kepha kazange ngithathe umnikelo wanoma yiluphi na uhlobo.

Ngase ke ngiba, o, namadola ambadlwana engawongela ikhefu lami. Wasebenza, futhi, eFektri yamaYembe iFine. Intombi enhle ethandekayo. Nethuna layo namuhla cishe lilele iqhwa, kepha namanje usesenhliziyweni yami. Futhi ngiyakhumbula ngenkathi esebenza kanzima engisiza ukuba sibe nemali eyaneleyo ukuze senyukele siye kulelichibi ngiyodoba.

Sengibuya echibini, ngiqala ukubona, ngiyela ngaseMishawaka naseNingizimu Bend, eIndiana, ngaqala ukubona izimoto ezinophawu ngemuva, zithi, "UJesu nguye Yedwa." Ngase ngicabanga, "Lokhu kuzwakala kumangalisa, 'uJesu nguye Yedwa'." Ngiqala ukuziqaphelisisa lezozimpawu. Lwalubonakala ndawo zonke kusukela emabhayisikilini, emaFodweni, koKadilake, nanoma kuphi, "UJesu nguye Yedwa." Ngabalandela abanye babo ngehla, baze bafika esontweni elikhulu. Ngathola ukuthi babengamaPentekoste.

Ngangike ngezwa ngamaPentekoste, "Kepha babaziwa njengamakhodlwana, azibhuqabhuqa phansi akhihlize amagwebu," nakho konke ababengitshela khona. Ngakho ngangingabafuni.

Ngakho ngabezwa bonke bekhonza lapho, ngase ngicabanga, "Ngibona kungcono kengingene." Ngase ngimisa iFodo yami endala ngahamba ngayongena, indlela ababehlabelela ngayo yayimangalisa! Ngase ngithola ukuthi kwabe kukhona

amasonto amakhulu amabili elinye lawo lalibizwa nge P.A. yase J.C., ne P.A. yase W., abaningi benu bantu bangawakhumbula lawo mahl-amadala . . . Ngiyethemba sebehlangene, manje babizwa, babizwa ngebandla leNhlangano yama Pentekoste. Yebo-ke, ngalalela kwabanye babafundisi babo. Babemi lapho, o, babefundisa ngoJesu nanokuthi wabe Emkhulu kangakanani, nokuthi yonke into yayinkulu kangakanani nango "mbhaphathizo kaMoya oNgcwele." Ngacabanga, "Ngabe bakhuluma ngani na?"

Kwathi nje, emva kwesikhashana, omunye wasukuma wagxuma waqala ukukhuluma ngezilimi. Yebo, ngangingakaze ngiyizwe into enjalo empilweni yami. Nakhu sekuqhamuka omunye wesifazane ngesivinini. Khona lapho bonke basukuma baqala ukugijima. Ngase ngicabanga, "Heyi, mfowethu, kabanakho ukuzithoba enkonzweni!" Beklabalasa bememeza beqhubeka, ngacabanga, "Nhloboni ke yesituku lena!" Kodwa, uyazi, okuyikho yilokhu, ngokuhlala kwami lapho, ngezwa sengikuthanda kakhulu nami. Kwakukhona okwakubonakala kumnandi impela. Ngase ngiqala ukubanaka. Kwaqhubeka. Ngacabanga, "Ngizoke ngithi gozololo, ngoba ngiya . . . Ngiseduzane komnyango. Uma kubakhona isigubhukane, ngiyothi pulukutshu ngomnyango. Ngiyazi ukuthi imoto yami ipakwe kuphi, ithe swaxe ngale kwekhona."

Ngaqala ukuzwa abanye abashumayeli, babengabafundi nezitshudeni. Ini, ngacabanga, "Kukahle."

Kwase kungukudla kwakusihlwa, bethi, "Wonke umuntu makeze ekudleni kwakusihlwa."

Kepha ngacabanga, "Awuthi kancane. Nginedola nosheleni abayisikhombisa nozuka yokuya ekhaya, ngase ngi . . ." Yileyomali kuphela enganginayo kaphethilolo. Vele kuyileyomali ukuya ekhaya. NgangineFodo yami endala, kwakuyiFodo enhle kabi endala. Yayingakhahlakile, yayinjengalena elapha phandle, yayisindala. Futhi ya . . . Ngangicabanga ukuthi iFodo iyohamba amamayela angamashumi amathathu ngehora, phela ngoba kwakuyishumi nesihlanu *ngapha* neshumi nesihlanu *ngapha*. Uyabo, uma lokho ukuhlanganisa ndawonye, kwenza amashumi amathathu. Ngakho ya . . . Ngacabanga, "Yebo, ngangicabanga ukuthi ngalobo busuku ngiyohamba emva . . ." Ngalindela inkonzo yakusihlwa.

O, hhe, wathi, "Bonke abashumayeli, noma owaliphi ihlelo, abeze ngaphambili." Yebo, sasingamakhulu amabili emsamo laphaya, ngenyuka. Ngakho wayesethi, "Manje, kasinaso isikhathi sokuthi nonke nishumayele." Wathi, "Dlulani lapha nizisho ukuthi ningobani ningabakuphi."

Yeboke, kwafika nakimina, ngathi, "Ngingu William Branham, ngiyiBaptisti. EJeffersonville, eIndiana." Ngedlula.

Ngabezwa bonke bezisho, "NgiyiPentekoste, ngiyiPentekoste, ngiyiPentekoste, ngiyiP.A. yase W., P.A.J.C., P.A.W., P . . ."

Ngedlula. Ngacabanga, "Impela, kusho ukuthi ngiyichwane elibi ledada." Ngase ngihlala phansi, ngalinda.

Futhi ngalelo langa, babenabashumayeli abahle, abasebasha lapho, babeshumayele ngokunamandla. Base bethi, "Ozosipha umlayezo wakusihlwa kuzoba ngu . . ." Ngikholwa yikuthi babembiza ngokuthi, "yiLunga." Esikhundleni sokuba abafundisi babo, bababize ngo, "Mhlonishwa," kwakuthiwa yiLunga." Base beletha indoda endala elikhaladi lapho, yayigqoke inhlobo yalamajazi ayimfashini endala omshumayeli. Angikholwa ngukuthi senake nalibona elinjalo. Lide limisise okwesisila sejuba umqhewu walo, uyazi, linokhololo oyivelvethe, yayinamayoyosana nje ezinwele eziyisiyingelezi ekhanda layo. Ikhehlana nje elingateni, lalihamba *kanje*, uyazi. Lama lapho lashingila. Lapho bonke abashumayeli babekade beshumayela ngoJesu nangobukhulu . . . nokuthi wabe Emkhulu kangakanani, nokunye, lendoda endala yathatha itekisi yayo kuJobe, "Wawukuphi lapho ngibeka isisekelo somhlaba na, noma lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye namaDodana kaNkulunkulu ahlokoma ngenjabulo na?"

Nekhehla elinganakekile nje, ngacabanga. "Yini bengathathanga lezizinsizwa ezisezintsha zishumayele laphayana na?" Abadumile . . . indawo yayigcwele iminyene. Ngicabanga, "Yini bengenzanga njalo na?"

Ngakho-ke lensizwa endala, esikhundleni sokuba ishumayele ngokuthi kwakwenzekani lapha emhlabeni, iqala ngokuba ishumayele ngalokho okwakwenzeka eZulwini ngaso sonke isikhathi. Yebo, waMsusa phansi ekuqaleni ekuqaleni kwesikhathi, weza naYe wazoMletha ekuFikeni kwaKhe kweSibili eyilokhu eze naYe okothingo lwenkosazane. Ini, ngangingakaze ngikuzwe ukushumayela okunjeya empilweni yami! Ngalesosikhathi wabakuMoya, wasukuma wagxuma *izithonto* wahlanganisa izithende zakhe, wabhenisa amahlombe akhe waye waqethuka phambili emsamo, wathi, "Aninandawo eyaneleyo lapha ukuba ngishumayele." Kepha wayenendawo engaphezulu kwalena enginayo lapha.

Ngacabanga, "Uma Lokho kungenza leyo ndoda endala ishumayele kanjalo, Kuyokwenzenjani uma Kungena kimi na?" Ngi—ngacabanga, "Mhlawumpe nami ngiyakudinga okwaloKho." Ini, waphuma lapha, ngamdabukela umuntu omdala. Kepha, ngenkathi eseqedile, ngazidabukela mina luqobo. Ngambuka ehla lapho.

Ngaphuma ngahamba ngalobo busuku, ngase ngicabanga, "Manje, kusasa ngizocasha ngingabonwa-muntu ukuthi ngikuphi, ngingubani." Ngakho ngahamba, ngalobo busuku

ngacindezela ibhulukwe lami. Ngathathai . . . ngaphuma ngayolala ensimini kakolweni, ngehla ngayozithengela izinkwanyana ezisongiwe esezindala. Ni . . . ngathenga inqwaba ngozuka. Kwakukhona ipayipi lamanzi ezansi laphaya, ngawakha amanzi. Ngakho ngangazi ukuthi kuyongiqhuba okwesikhashana, ngakho ngakha amanzi ngawaphuza, ngahamba ngayodla izinkwanyana zami. Ngabuya futhi ngayophuza amanzi. Ngahamba ngaya ensimini kakolweni, ngathatha izihlalo zombili ngabeka ibhulukwana lami elimantwentwesana lapho, ngalicindezela ngesihlalo.

Nangalobo, busuku, ngathandaza cishe ubusuku bonke golokonqo. Ngathi, "Nkosi, yini lena engingene kuyo na? Kangikaze ngibabone abantu abakholwa ngaloluhlobo empilweni yami." Ngase ngithi, "Ngisize ukuba ngazi ukuthi ngabe yini yona lena."

Ngakusasa ekuseni ngehlela lapho. Basimemela ukudla kwasekuseni. Kepha, ngangingenakuza ngidle nabo, ngoba ngangingenalutho engingalubeka emnikelweni. Ngabuyela emuva. Ngakusasa ekuseni ngenkathi ngingena, ini (ngizidlela izinkwanyana zami ezisongiwe), ngahlala phansi. Babenombhobho. Ngangingakaze ngiwubone umbhobho phambilini, ngangiwesaba. Ngakho ba . . . Wawunentanjana encanyana eyayilenga phezulu lapha, ilengela phansi. Omunye wabo wathatha imibhobho, okufana nayo. Wayesethi, "Ebusuku bayizolo, emsamo, bekukhona umshumayeli osemusha lapha, ongumBaptisti."

Ngacabanga, "Ha, sebezobiza mina manje."

Wayesethi, "Ubengumshumayeli osemncane kunabo bonke emsamo lapha, igama lakhe bekunguBranham. Ngabe ukhona omaziyo ukuthi ukuphi na? Mtsheleni eze, simfuna asiphathele umlayezo wasekuseni."

O, he! ngangigqoke isikijana, nebhulukwe elintwentwesana, uyazi. Thina maBaptisti sikholwa yikuthi ufanele ukugqoka isudu ukuze uye epulupiti, uyazi. Ngakho . . . Ngase—ngahlala ngathula ngathi du. Nangalesisikhathi . . . Inkonzo yayibanjelwe enhla neNyakatho lapho ngoba (kuyinhlangano yabo kazwelonke) amakhaladi ayengezi uma ibanjelwe eNingizimu. Kwakunamakhaladi lapho, mina ngangingowaseNingizimu, ngangifake isitashi kukhololo wami nokho, uyabo, ngangicabanga ukuthi ngingconywana kunabanye. Kwenzekake ngalokho kusa, eduze kwami kwakuhlezi i—indoda yekhaladi. Ngakho ngahlala ngayibuka. Ngacabanga, "Yebo ungumfowethu."

Wayesethi, "Ngabe ukhona owaziyo ukuthi uWilliam Branham ukuphi na?" Ngahlala ngomelela *kanje* esihlalweni. Ngakho wayesethi, ephinda esememezela okwesibili, wathi, "Ngabe ukhona ngaphandle" (wayesedonsa umbhobho) "owazi

ukuthi ukuphi uWilliam Branham na? Mtshele ukuthi siyamfuna emsamo asiphathele umlayezo wasekuseni. Ungumshumayeli wamaBaptisti aseningizimu Indiana."

Ngahlala ngathula ngathi du ngigwace phansi, uyazi. Akekho owayengazi, kungcono. Lowomfana olikhaladi wangibuka, wathi, "Ngabe uyamazi ukuthi uphi na?"

Ngacabanga. A—kuphakathi kokuthi ngiqamba amanga noma kubekhona engikwenzayo. Ngakho ngathi, "Ungathi vu."

Wayesethi. "Yebo, mnumzane?"

Ngathi, "Kukhona engifuna ukukutshela khona." Ngathi, "Ngi—nginguye."

Wayesethi, "Phoke, hamba uye emsamo laphaya."

Ngase ngithi, "Qhabo, ngeke. Uyabo," Ngathi, "Ngigqoke lamantwentwesana amadala ebhulukwe nalesisikijana." Ngathi, "Ngeke ngiye emsamo laphaya."

Wathi, "Lababantu kabanandaba ukuthi ugqoke kanjani. Yenyuka uye emsamo."

Ngathi, "Qha, qha." Ngathi, "Thula, ungathi vu."

Babuyela embhobheni emva komzuzu, bathi, "Ukhona owaziyo ukuthi uWilliam Branham ukuphi na?"

Wathi, "Nangu! Nangu! Nangu!" O, he! Ngase ngisukuma nalesosikijana, uyazi, Nakhu nalapha ngi . . .

Wathi, "Yenyuka, Mnuz. Branham, sifuna usilethele umlayezo." O, he, phambi kwabashumayeli bonke abangaka pho, hm, bonke abantu abangaka! Ngahamba ngishelela ngenyuka, uyazi. Ubuso bami bubomvu, izindlebe zami zivutha. Ngenyuka, ngigqoke amantwentwesi ebhulukwe nesikibha, umshumayeli, umshumayeli wamaBaptisti enyuka eya embhobheni, ngangingakaze ngiwubone ngaphambili, uyabo.

Ngama emsamo laphaya, ngathi, "O, a—a—angikwazi ukusebenzisa lokhu." Ngangiphuthaza, nginovalo ngempela, uyazi. Ne—ngase ngifunda kuLuka 16, ngase ngicabanga, "Yebo, manje . . . " Ngase—ngingena odabeni, "*Saphakamisa amehlo aso sesiseHayidese sakhala*." Ngase ngingena . . . Ngakho ngaqala u—ukushumayela, uyazi, ngaqala ukushumayela ngazizwa sengingconywana. Ngase ngithi, "Isicebi sasisesihogweni, sakhala." Lawo maganyana nje amathathu, njengoba nginezingi izintshumayelo ezinjalo, "Uyakholwa yiloKhu," nalena ethi, "Khuluma Kulo iDwala," nangizwa ngishumayela ngazo. Ngangikuleli elithi, "Sasesikhala." Ngase ngithi, "Akukho-zingane lapho, nhlobo nje azikho esihogweni. Sasesikhala." Ngathi, "Akukho-zimbali lapho. Sasesikhala. Akukho Nkulunkulu lapho. Sasesikhala. Akukho Kristu lapho. Sasesikhala." Nami ngakhala. Kukhona okwangibambayo.

Wo!, O, he! Emva kwalokho, kangazanga ukuthi kwenzekani. Kwathi sekuthe dwe kimi, ngase ngimi ngaphandle. Abantu babeklabalasa behlokoma bekhala, kanye nami, saba nesikhathi esingakhulumekiyo.

Sengiphumele ngaphandle kwabakhona insizwa eyeza kimi ifake isigqoko esikhulu saseTexas, namabhuzu amakhulu, yeza yenyuka yathi, "NgiyiLunga *uSibani-bani*." Umshumayeli, efake amabhuzu abelusi, egqoke izingubo zabelusi.

Ngacabanga, "Kanti, amantwentwesi ebhulukwe lami kawamabi kangako."

Wathi, "Ngifuna wehlele ezansi eTexas ungibambele imvuselelo."

"Awu, ake ngibhale phansi, mnumzane." Ngase ngimbhala phansi kanjalo.

Nakhu sekuza umlisa egqoke elincinyane, lalamabhulukwe egalofu, ababewagqoka uma bedlala igalofu, uyazi, babenalamabhulukwana asabhulawozi. Wathi, "NgiyiLunga *uSibani-bani* ngivela eMiami. Ngiyakuthanda."

Ngacabanga, "Awu, kusho ukuthi ukugqoka akuyona into esemqoka kangako." Ngalibuka, ngacabanga, "Kulungile."

Ngakho ngazithatha lezizinto, ngaqonda ekhaya. Unkosikazi wangihlangabeza, wathi, "Ujatshuliswe yini kangaka, Billy?"

Ngathi, "O, ngithole unqambothi lwenkonzo. Awu, akaze uyibone enjengaleya. Lababantu abanamahloni ngenkolo yabo." Futhi ke, o, ngamxoxela ngakho konke. Ngase ngithi, "Futhi buka lapha, s'thandwa, uxhaxha lwezimemo. Ezalabo bantu!"

Wayesethi, "Kabasiwo amakhodlwana, ngabe bayiwo na?"

Ngathi, "Angazi ukuthi banhloboni yeziyabhuyabhana, kepha banento ethize engangiyidinga." Uyabo? Ngathi, "Kuyi—kunye enginesiqiniseko ngakho." Ngathi, "Ngibone indoda endala, enamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, iphenduka ibayintsha futhi." Ngathi, "Kangikaze ngize ngikuzwe ukushumayela okunjeyaya empilweni yami. Ini, Kangikaze ngibone-mBaptisti eshumayela ngaloluyahlobo." Ngathi, "Bashumayela baze behluleke ukuphefumula, baguqe ngamadolo phansi, baqethuke bavuke basukume, baphefumule. Ungabezwa ibanga elahlukaniswe yizindlu ezimbili, besayilokhu beshumayelile." Ngase ngithi, "Kaze—angikaze ngikuzwe lokho empilweni yami." Ngase ngithi, "Bakhuluma ngolimi olungaziwa, omunye achaze ukuthi bakhuluma ngani. Angikaze ngikuzwe lokho empilweni yami!" Ngathi, "Ungahamba nami na?"

Wathi, "S'thandwa, ngenkathi ngishada nawe, nganquma ukunamathela kuwe size sahlukaniswe ngukufa." Wathi, "Ngizohamba." Wathi, "Manje, sizotshela abadala."

Ngase ngithi, “Kulungile, uzotshela unyoko nami ngizotshela umama.” Ngakho sa . . . Ngahamba ngatshela uMama.

UMama wathi, “Kulungile, hamba, Billy. Lokho iNkosi ekubizele khona ukuba ukwenze, hamba ukwenze.”

NoNkk. Brumbach wangicela ukuba ngenyukele kwakhe. Ngenyukela khona. Wathi, “Yini lena okhuluma ngayo na?”

Ngase ngithi, “O, Nkk. Brumbach,” ngathi, “kepha nonke anikaze nibabone abantu abanjeyana.”

Wathi, “Thula! Thula!”

Ngathi, “Yebo ma.’” Ngathi, “Ngiyaxolisa.”

Wayesethi, “Uyabazi labo ukuthi bayisixukwana samakhodlwana na?”

Ngathi, “Qhabo, ma,’ bengingakwazi lokho.” Ngathi, “Ba—bangabantu abakahle impela.”

Wathi, “Angiwufuni lowombono wakho! Ucabanga ukuthi ungahudula indodakazi yami uyise kuleyonto enjalo!” Wathi, “Uyangimangaza! Lokho yimfucumfucu nje elahlwe ngamanye amasonto.” Wathi, “Impela qha! ’Soze wayisa indodakazi yami kuleyonto enjalo.”

Ngase ngithi, “Kepha, uyazi, Nkk. Brumbach, phakathi enhliziyweni yami ngizwa ukuthi iNkosi ifuna ngihambe nabo lababantu.”

Wathi, “Buyela emuva ebandleni lakho baze bakwazi ukukwakhela indlu, bese uba yindoda ehluzile engqondweni.” Wathi, “Ngeke uyithathe eyami indodakazi uyise lapho.”

Ngathi, “Yebo ma’.” Ngaphenduka ngaphuma.

UHope waqala ukukhala. Waphuma, wathi, “Billy, noma ngabe uMama uthini, ngiyohlala nawe.” Busisa inhliziyo yakhe!

Ngase ngithi, “O, kulungile, s’thandwa.”

Ngavele ngayeka. Wayengeke ayivumele indodakazi yakhe ihambe nalabo bantu ngoba, “Babeyimfucumfucu.” Ngakho ngavele ngayeka. Kwaba liphutha elibi kakhulu kunengake ngalenza empilweni yami, ngelinye lamabi.

Emva kwalokho, emva kweminyaka embalwa, bafika abantwana. Ngelinye ilanga sasi . . . Kwafika uzamcolo, ngo 1937. Kwafika uzamcolo. Neyethu . . . ngangiqaphile ngalesosikhathi ngangizama ngawo onke amandla ami ukutakula abantu kuzamcolo, izindlu zibhidlika. Nomkami uqobo wagula, wayegula kabikabi, eguliswa yisifo sofuba. Bamkhipha . . . Isibhedlela esijwayelekile sasigcwele siphuphuma asikwazanga ukumngenisa kuso, ngakho samkhipha samusa kwe—kwesikahulumeni lapho babenendlu khona. Ngakho babuye bangibiza ngaphuma. Ngangihlala njalo ngisemfuleni,

ngishayela isikebhe, ngakho ngangizama ukuthola abantu, ngibatakula kuzamcolo. Bese ngi . . . ngedwa . . .

Bangibiza, bathi, “Kukhona indlu eChestnut Street le, isiyacwila. Kukhona umama nesixuku sabantwana phakathi lapho,” bathi, “uma ucabanga ukuthi isikebhe sakho, injini yakho ingakufikisa kubo.” Ngathi, “Kulungile, ngiyokwenza konke engingakwenza.”

Mina ke, ngidabula kulawo magagasi. Udonga lokuthiya amanzi lwase lunqamukile lapho, futhi, o, he, a . . . kwase kuguguleka idolobha. Ngakhipha onke amandla enganginawo, ekugcineni ngehlela nganqamula ngezindlela ezinqamula ezakhiweni nasezindaweni. Ngasondela lapho okwakukhona khona unqenqema oludala, amanzi ephuma ngale. Ngezwa umuntu eklabalasa, ngabona owesimame emi egosini lasendlini. Lapho kwakukhona izimpophoma ezinkulu ezaziphophoma kanje. Yebo, ngakhuphuka *ngale*ndlela ngokushesha okukhulu, afike ashaye emfudlaneni abuyele emuva abuyele kulelocala. Ngamisa isikebhe ngesikhathi esifaneleyo ngasibophezela ensikeni, yesigxobo somnyango, esigxotsheni, kumbe esigxotsheni segosi lasendlini. Ngagijima ngangena ngabamba umama ngambeka esikebheni phakathi lapho, nababili noma abathathu ebantwaneni. Ngase ngiqaqa isikebhe sami ngamngenisa e . . . ngemuva. Ngaphuma ngehlela ngezansi, ngamusa ngasogwini, cishe kuyimayela nengxenye ngapheseya kwedolobha, ngaze ngamfikisa ogwini. Sengifike lapho, wayesequlekile. Wayeseqale . . . wayekhala, “Umntanami! Umntanami!”

Yebo, ngacabanga ukuthi ushiye umntwana omncane endlini. O, he! Ngabuyela emuva futhi ngenkathi besazama ukumhlenga. Futhi, ngathola ukuthi, kwaku . . . wayefuna ukwazi ukuthi umntwana wakhe wabe ekuphi. Kwakukhona umfanyana owayeneminyaka cishe emithathu ubudala, ngangicabanga ukuthi usho usana olusancelayo noma omunye.

Ngakho ngabuyela emuva ngaye ngayotheleka lapho. Sengibophe lesosikebhe ngangena endlini angangathola-ngane, igosi lawa nendlu yacwila. Ngagijima kakhulu ngabamba—isinqanyana lapho esasintantisa isikebhe sami, ngangena esikebheni, ngasidonsa ngase ngiyasithukulula.

Sase siye sayongiphonsa ngale komsinga womfula omkhulu ngaleyonkathi. Lase ligamenxe cishe eleshumi nanye ngalobo busuku, likhemezela liwisa iqhwa. Ngayibamba intambo yokudumisa isikebhe ngazama ukudonsa isikebhe, kepha kasangaduma, ngazama futhi asangaduma, ngaphinda ngazama. Umsinga uyilokhu ungiqhelela, impophoma yabe ingezansi kwami. Ngangizama kakhulu, ngacabanga, “O, he, nakhu—nakhu ngifa! Sekungukuphela kwami!” Ngaphinda ngazama

kakhulu. Ngathi, "Nkosi, ngiyacela mangingafi ukufa okunje," ngadonsa ngadonsa.

Kwabuya kimi, "Uthini ngaleya mfucumfucu yesixuku ongayanga kuyo na?" Uyabo? Hoho.

Ngabuyisela isandla sami esikebheni, ngathi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Ungangivumeli ngishiye umkami nomntwana kanje, begula laphaya! Ngiyakuncenga!" Ngangiyilokhu ngidonsa kanjalo, kepha lutho ukuba sidume. Ngangiyilokhu ngizwa ukuduma phansi laphaya, ngoba ngi . . . Imizuzu nje embalwa, futhi, o, he, kuyobe sekuyikho. Ngase ngithi, "Nkosi, uma Ungangithethelela, ngiyaKwethembisa ukuthi ngiyokwenzela konke." Ngaguqa kulesosikebhe lapho nomkhemezelo ungishaya ebusweni, ngathi, "Ngiyokwenza konke Ofuna ngikwenzele khona." Ngadonsa futhi, saduma. Ngayivulela yonke igesi eyayikuso, ekugcineni ngafika osebeni.

Ngabuyela emuva ukuyobheka iloli, iloli yokuqapha. Ngacabanga nge . . . Kwakukhona abanye abathi, "Thana, isibhedlela sikahulumeni sikhukhulekile." Umkami nomntwana belapho, abantwana bobabili.

Ngaphikelela kwahulumeni ngokushesha, amanzi ayesephakeme amafidi alishumi nanhlanu kuyo yonke indawo. Kwakukhona umeja lapho, ngase ngithi, "Meja, kwenzekeni esibhedleleni na?"

Wathi, "Manje, ungakhathazeki. Ngabe ukhona yini owakini obelapho na?"

Ngathi, "Yebo, u—unkosikazi ogulayo nabantwana ababili."

Wathi, "Bonke baphumile." Wathi, "Basemotweni eyibhanoyi babheke ngase Charlestown."

Ngagijima, ngathatha isikebhe sami ne . . . noma ngathatha imoto yami, ngafaka isikebhe sami ngemuva kuyo, ngagijima ngaphuma, ngaya e . . . imisele yayisivuleke yanda yaba yingxenye kumbe amamayela amathathu ububanzi. Ubusuku bonke ngazama u . . . Abanye babo bathi, "Imoto, indizamshini, iwugugulile umgwaqo laphaya emgwaqeni owenziwe ngamapulangwe."

Yebo-ke, ngizithola sengilahlwe esiqhingini esincane, ngahlala lapho izinsuku ezintathu. Nganginesikhathi esanele ukucabanga ukuthi ngabe kwabe kuyimfucumfucu yini leYo noma qha. Ngilwa, "Uphi umkami?"

Ekugcineni kwathi uma ngimthola, emva kwezinsuku ezimbalwa emva kokuba sengiphumile ngawela, wayephezulu eColumbus, eIndiana, eHholo yamaBaptisti lapho babenze khona i—okusasibhedlela, izindlu zabagulayo nemibhejana kahulumeni. Ngagijimela kuye njengonyazi, ngizama ukuthola ukuthi wabe ekuphi, ngimpongoloza, "We Hope! Hope! Hope!" Ngabuka, nanguya elele embhejaneni, isifo sofuba sesimxinile.

Waphakamisa isandla sakhe esasesingamathanjana, wathi, “Billy.”

Ngagijimela kuye, ngathi, “Hope, s’thandwa.”

Wathi, “Ngibukeka ngesabeka, angibukeki nginjalo na?”

Ngathi, “Qhabo, s’thandwa, ubukeka kahle.”

Izinyanga cishe eziyisithupha sasebenza ngakho konke esasinakho, ukuzama ukuhlenga impilo yakhe, kepha wayelokhu eya ngokuya encipha.

Ngelinye ilanga ngangiqaphile ngavula u ova wami, ngangicabanga ukuthi, ngangibezwe bethi, shaya u ova, bethi, “KuWilliam Branham, udingeka esibhedlela ngokukhulu ukushesha, inkosikazi iyafa.” Ngaphuthuma emuva esibhedlela ngokushesha, ngakhanyisa ilambu elibomvu ngakhalisa nehuda, ngajaha. Ngase ngi—ngifika esibhedlela ngama, ngagijimela phakathi. Ngehla ngiqonde e—esibhedlela, ngibone ubhuti wami omncane esasidoba ndawonye, sasigijima ndawonye sisengabafana, uSam Adair.

Udokotela Sam Adair, umbono awubonayo esikhathini esingeside esedlule wamtshela ngomtholampilo wawuqondene naye. Wathi, uma umuntu ewungabazile umbono, ababobiza yena bamqoqe uma befuna ukwazi ukuthi umbono uyiqiniso noma ungamanga.

Nangu ethi thushu, wayephethe isigqoko sakhe ngesandla sakhe. Wangibuka maqedane zehla. Ngagijima ngaya kuye, ngamgaxa. Wangigaxa, wathi, “Billy, useyemuka.” Wathi, “Ngiyadabuka. Ngenze konke ebengingakwenza, benginodokotela abaqondene nalesisifo ngqo nakho konke.”

Ngathi, “Sam, ngeke qha akahambi!”

Wathi, “Yebo, uyamuka.”

Wayesethi, “Ungangeni lapho, Bill.”

Ngathi, “Kumele ngingene, Sam.”

Wayesethi, “Ungalokothi. Ungalokothi, ngiyakucela ungalokothi.”

Ngathi, “Ngiyeke ngingene.”

Wathi, “Ngizongena nawe.”

Ngathi, “Qhabo, wena hlala lapha phandle. Ngifuna ukuhlala naye kulemizuzu yakhe yokugcina.”

Wathi, “Uqulekile.”

Ngahamba ngangena endlini. Inesi lalihlezi lapho, lalikhala ngoba lona noHope babefunda ndawonye. Ngakho ngabuka ngale, laqala ukukhala, lathwala imikhono lahamba.

Ngabuka ngale, ngamnyakazisa. Wayelapho, wayesehle esuka emaphawondini alikhulu namashumi amabili, waba ngamaphawondi angamashumi ayisithupha. Ngase

ngi—ngimnyakazisa. Uma ngingaphila iminyaka elikhulu ubudala, angisoze ngakukhohlwa okwenzeka. Waguquka, lawomehlo amakhulu amahle angibuka. Wamamatheka. Wathi, "Ungibizeleni ngibuye, Billy na?"

Ngathi, "S'thandwa, nginawo ukhest."

Kade ngisebenza. Sasinezikweletu zamakhulukhulu amadola esikweletu sikadokotela, singenalutho olokukhokha. Ngadingeka ukuba ngisebenze. Ngangimbona kabili noma kathathu ngosuku, njalo ebusuku, nalapho esekulesosimo.

Ngathi, "Usho ukuthini, uma uthi, 'Ngikubiza' 'ubuye'?"

Wathi, "Bill, ushumayelile ngaKho, ukhulumile ngaKho, kepha kawunalwazi ukuthi Kunjani."

Ngathi, "Ukhuluma ngani na?"

Wathi, "NgeZulu." Wathi, "Buka," Wathi, "Bengiphelekezelwa ngiyiswa eKhaya ngabanye abantu, indoda noma abesifazane noma abanye abebegqoke ezimhlophe." Wayesethi, "Bengisekuphumuleni nasekuthuleni." Wathi, "Izinyoni ezinkulu ezinhle zindiza zisuke kulesisihlahla ziye kulesiya sihlahla." Wathi, "Ungacabangi ukuthi ngisangene." Wathi, "Billy, ngizokutshela iphutha lethu." Wathi, "Hlala phansi." Angizange; ngaguqa phansi, ngabamba isandla sakhe. Wathi, "Uyazi ukuthi iphutha lethu yiliphi na?"

Ngathi, "Yebo, s'thandwa, ngiyazi."

Wathi, "Kwakungafanele simlalele uMama, Labobantu babeseqinisweni."

Ngathi, "Ngiyakwazi."

Wathi, "Ngethembise lokhu, ukuthi uyoya kulabobantu," wathi, "ngoba baseqinisweni." Wayesethi, "Ungikhulisele abantwana bami kanjalo." Ngase . . . Wathi, "Ngifuna ukukutshela into ethize." Wathi, "Ngiyafa, kepha" wathi, "kuyi . . . Angi—angikwesabi ukuhamba." Wathi, "Kuyi—kuhle." Wathi, "Okukodwa, yikuthi ngiyakuzonda ukukushiya, Bill. Futhi ngiyazi ukuthi ufanele ukondla lababantwana ababili." Wathi, "Ngethembise ukuthi—ukuthi awuyikuhlala wedwana uyekele abantwana bami babeyimihambe ima." Wayeqinisile umama oneminyaka engamashumi amabili nanye.

Ngathi, "Angisoze ngakwethembisa lokho, Hope."

Wathi, "Ngicela ungethembise." Wathi, "Yinye into engithanda ukukutshela yona." Wathi, "Uyasikhumbula lesiya sibhamu?" Ngiyazihlanyela ngezibhamu. Wayesethi, "Wawufuna ukusithenga lesiya sibhamu ngalolosuku kepha wawungenayo imali eyaneleyo yokusikhokhela kancane kancane."

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Bengiqongelela imali yami, isiliva, ngizama ukukukhokhela kancane kancane kuleso sibhamu sakho." Wathi, "Manje, uma lokhu sekwedlulile, ubobuyela ekhaya, ubuke phezulu kulokhu okugoqwe kabili . . . noma embhedeni osongwayo, phansi kwalesosiqephu sephepha phezulu, uyobe sewuyayithola imali lapho." Wathi, "Ngethembise ukuthi uyosithenga leso sibhamu."

Awazi ukuthi ngazizwa nginjani lapho sengibona idola nosheleni abayisikhombisa nozuka (isiliva) ihleli lapho. Ngasithenga isibhamu.

Wayesethi, "Uyakhumbula ngalesisikhathi lapho wawehlisa idolobha uyongithengela amabhanqa amasokisi abesifazane, sasizoya eFort Wayne?"

Ngathi, "Yebo."

Ngangivela kodoba, wathi . . . Sasizoya eFort Wayne, ngashumayela ngalobo busuku. Wayesethi, "Uyazi, ngakutshela, ukuthi, 'Kukhona izinhlobo ezimbili.'" Eyodwa kuthiwa "yishifoni." Enye kuthiwa yini konje? Ngusilika-mbumbulu. Kunjalo na? Usilika—mbumbulu neshifoni. Yebo, noma kubizwa kuthiweni, ishifoni yiyona eyayincomeka kakhulu. Ngabe kunjalo na? Wathi, "Manje, ungithengele amashifoni, uqobo lwawo." Niyayazi leyonto enomthungwana ngemuva emakheyizeni, kuba ngaphezulu? Ngangingazi lutho ngezingubo zabesifazane, ngakho nga . . .

Ngangehla ngomgwaqo ngihambe ngithi, "Shifoni, shifoni, shifoni, shifoni," ngizama ukuba ngingakhohlwa, ngithi, "shif-foni, shifoni, shifoni."

Omunye wathi, "Sawubona, Billy!"

Ngathi, "O, sawubona, sawubona." "Shifoni, shifoni, shifoni, shifoni, shifoni."

Ngafika ekhoneni ngahlangana noMnuz. Spon. Wathi, "Yebo, Billy, uyazi nje ukuthi inhlanzi yamanzi isiyaluma manje kuleyangxenye yaleyonsika yetshe?"

Ngathi, "Ngabe ngempela kunjalo?"

"Yebo."

Ngacabanga manje, sengimshiyile, "Bekuyini konje leyanto?" Ngayikhohlwa.

Ngakho uThelma Ford, intombazane engangiyazi, eyayisebenza esitolo sezimpahla ezincane. Ngangazi ukuthi bathengisa amasokisi abesifazane lapho, ngakho ngahamba. Ngathi, "Kunjani, Thelma."

Wathi, "Kunjani, Billy. Ninjani na? Usaphila uHope na?"

Ngathi, "Siyaphila." Ngathi, "Thelma, ngifuna ipheya amasokisi kaHope."

Wathi, "UHope akawafuni amasokisi."

Ngathi, "Yebo mama, uwathanda impela."

Wathi, "Ngabe awuqonde wona nje amakheyiza."

"O, impela," ngathi, "Yiwo impela." Ngacabanga, "Wowu, sengitshengise ukungazi kwami."

Wayesethi, "Uthanda nhloboni yena na?"

Ngacabanga, "Wo he!" Ngathi, "Wena unanhloboni?"

Wathi, "Yebo, sinosilika-mbumbulu."

Ngangingawazi umehluko. Usilika-mbumbulu, ishifoni, konke kuzwakala kufana. Ngathi, "Yilawo ngqo engiwafunayo." Wathi . . . Ngathi, "Nginike ipheya lawo, lawa aqinile impela." Wayese . . . Ngasho into okungesiyo. Kuyini konje? Asefashinini. "Asefashinini." Ngakho ngathi, "Ngiphe ipheya lawo."

Lapho eseyowalanda enginikeza wona, ayebiza osheleni abathathu kuphela, uthubhobho noma osheleni abathathu, cishe ingxenye yentengo. Yebo, ngathi, "Nginikeze amapheya amabili awo." Uyabo?

Ngahamba ngabuyela ekhaya, ngathi, "Uyazi, s'thandwa, nina bantu besifazane nijikeleza lonke idolobha leli nihambe nifuna imitititilizo." Niyakuthanda ukukikiliga. Ngathi, "Kepha nakhu, buka lapha, mina ngithenge amapheya amabili ngemali enithenga ngayo ipheya elilodwa nina. Uyabo?" Ngathi, "Ho, u—umthetho wami nginekhono." Uyabo, ngathi—ngathi, "Uyazi, nguThelma ongidayisele wona." Ngathi, "Ubenganginika nangohafu waleyomali."

Wathi, "Ngabe uwatholile ayishifoni na?"

Ngathi, "Yebo, mama." Phela kimina kwakuzwakala kuyinto efanayo, angazanga ukuthi kwakukhona umahluko.

Wangitshela, wathi, "Billy." Ngamangala uma esefika eFort Wayne, esethenga elinye ipheya lamakheyiza. Wathi, "Ngiwanika umama wakho," wathi, "ngawezalukazi." Wathi, "Ngiyaxolisa ngalokho engakwenzayo."

Ngathi, "O, kulungile s'thandwa."

Wayesethi, "Manje, unga—ungahlali uyimpohlo." Wayesethi . . . Wayengazi ukuthi kuzokwenzekani emahoreni ambalwa ukusukela lapho. Ngabamba izandla zakhe ezithandekayo lapho iziNgelosi zikaNkulunkulu zemuka naye.

Ngaya ekhaya. Angazanga ukuthi kumele ngithatheni ngihlanganise nani. Ngalala phansi lapho ebusuku ngase ngezwa . . . Ngicabanga ukuthi kwakuyigundwanyana, elalisensimbini endala yesitofu lapho esasibeke khona amaphepha. Ngase ngivala umnyango ngonyawo lwami, nansiya ingubo yakhe yokugqoka iphanyekwe ngemuva (yena elele ezansi le emakhazeni). Emva kwesikhashana nje kwabakhona ongibizayo, wathi, "Billy!" Kwabe kunguMfowethu Frank Broy. Wathi, "Umntwana wakho uyafa."

Ngathi, "Umntwana wami?"

Wathi, "Yebo, uSharon Rose." Wathi, "UDoc usenhla laphaya manje, wathi, 'Unexhwala lesifo solwembu lobuchopho, wasincela kunina'." Wathi, "Uyafa."

Ngangena emotweni, ngenyukela lapho. Nanguya, umuntuzana. Bamphuthumisa esibhedlela.

Ngaphuma ngayombona. USam waphuma wathi, "Billy, ungabe usangena kuleyondlu, cabangela uBilly Paul." Wathi, "Useyafa."

Ngathi, "Doc, ngi—ngifuna ukubona umntanami."

Wathi, "Ngeke, ngeke ungene." Wathi, "Unesifo solwembu lobuchopho, Billy, ungahle uthelele uBilly Paul."

Ngalinda waze waphuma. Angikwazanga ukumela ukumbona efa, nonina ulele ezansi laphaya uselindele umngcwabi. Indlela yeseqa-mthetho inzima, ngiyakutshela. Nga—ngahamba, ngabanda ngesivalo, kwathi uSam esephumile nomhlengikazi esephumile, Ngehlela endaweni ephansi. Kuyisibhedlelana nje. Wayebekwe yedwa qekelele, nezimpukane zisemehlwaneni akhe. Babenentwanyana . . . esiyibiza ngesi "vikela-miyane," noma okuyinethana kubekwe phezu kwamehlo akhe. Waye . . . eyilokhu edikidikiza, umlenzana okhulupheleyo uyilokhu uphakama wehla kanjalo, nezandlana zakhe, zidikizela. Ngambuka, kwase kuthe ukuhlakanipha, kunezinyanga cishe eziyisishiyagalombili ubudala.

Unina wayevamise ukumbeka phandle entwaneni yokumeseka enamakhona amathathu, uyazi, egcekeni, uma ngenyuka. Ngangibetha uphondo, kwakuyekudlale kuthi, "guu-guu, guu-guu," kufune ukuza kimi, uyazi.

Nanguya untombazanyana wami elele, efa. Ngambuka phansi, ngathi, "Sharry, uyamazi uBaba? Uyamazi uBaba, Sharry?" Kwathi lapho ebheka . . . Wayegula kanzima kangangokuba elinye lamehlwana amahle aluhlaza lase liphambene. Kwathi mangiqhume enhliziyweni yami.

Ngaguqa phansi, ngathi. "Nkosi, kodwa ngenzeni kangaka? Angilishumayelanga yini iVangeli ezinhlanganweni zemigwaqo, ngenze konke engikwaziyo ukuthi kufanele ngikwenze? Ungangibambeli utho. Labaya-bantu angibabizanga nge 'mfucumfucu'. Nguye owabiza labobantu nge 'mfucumfucu'." Ngathi, "Ngiyaxolisa ngaleyonto eyenzekayo. Ngithethelele. Ungayi—thathi ingane yami." Ngisakhuleka, kwabonakala into esengathi imnyama . . . njengeshidi kumbe indwangu yehla. Ngazi ukuthi Ungenqabile.

Manje, kwake kwaba yisikhathi esinzima kakhulu nesiyingozi kakhulu empilweni yami. Lapho ngisukuma ngimbuka, ngacabanga . . . USathane wakufaka emqondweni wami, "Ehe, usho ukuthi usushumayele kangaka, nendlela

ophile ngayo, kepha manje uma sekuyingane yakho. Useyakuyekelela?"

Ngathi, "Uqinisile. Uma Engenakusindisa ingane yami, ngakho ngeke . . . " Ngama. A—angazanga ukuthi kumele ngenzenjani. Ngase ngisho lokhu, ngathi, "Nkosi, Ungiphile yena Usumthathile futhi, malibongwe iGama leNkosi! Uma Uthabatha nami uqobo, ngisayohlala ngiKuthanda."

Ngase ngibeka izandla zami phezu kwakhe, ngathi, "Busiswa, mntwana wami. UBaba ubethanda ukukukhulisa, ngenhliziyo yami yonke bengifuna ukukukhulisa, ngikukhulise ukuba uthande iNkosi. Kepha iziNgelosi ziyeza zizokulanda, muntuza. UBaba uzothatha umzimbanyana wakho awubeke ezingalweni zikaMama. Ngizokungcwaba kanye naye. Ngelinye ilanga uBaba uyokubona, ubolinda lapho phezulu noMama."

Ngenkathi umama wakhe efa, wathi, amazwi okugcina awashoyo, wathi, "Billy, hlala eVangelini."

Ngathi, "Ngiyo . . . " Wathi . . . Ngathi, "Uma ngiba sensimini aze Abuye, ngiyothatha izingane ngikuhlangabeze. Uma ngifa, ngiyongcwatshwa eduzane kwakho. UHambe uye ngakwesokunene sesango elikhulu, uma ubabona bonke bengena, ume lapho umemeze, 'Bill! Bill! Bill!' Umemeze kakhulu. Sohlangana lapho." Ngamvalelisa ngokumanga. Ngisesenkundleni yempi nanamuhla. Cishe sekuyiminyaka engamashumi amabili eyadlulayo. Sanqumelana usuku nomkami, ngobuye ngimbone.

Ngathatha inganyana, isifile, ngayibeka ezingalweni zikanina, sakusa emathuneni. Ngema lapho ngilalele uMfowethu Smith, umshumayeli waseWeseli owayephethe inkonzo yomngcwabo, "Umlotha emlotheni, uthuli othulini." (Ngacabanga, "Inhliziyo enhliziyweni.") Babemfihla njalo.

Kwathi nje esikhathini esingeside emva kwalokho, ngamthatha uBilly omncane ngokunye ukusa ngamusa lapho, Wayesemncanyana impela. Waye . . .

Kungakho singehlukani mina naye, ngaba yikho kokubili kuye nginguBaba nginguMama (kokubili) kuye. Ngangithatha ibhodlelana lakhe. Sasingenakukukhona ukubasa umlilo ebusuku ukuze sifudumeze ubisi lwakhe, ngangilala phezu kwalo ngomhlane kanje ngilifudumeze ngokushisa komzimba wami.

Selokhu sabambana ngezandla sengathi singobhuti, ngolunye lwalezizinsuku uma sengiyishiya lenkundla ngifuna ukumnika iZwi, ngithi, "Qhubeka, Billy. Ubohlala naLo." Abanye abantu bayamangala ukuthi kubangelwa yini ukuba ngihlala nginaye njalo. Angisoze ngamyeka. Useganiwe manje, kepha, ngisakhumbula umkami engitshela, "Hlala naye." Selokhu saba ndawonye njengobhuti nobhuti.

Ngiyakhumbula ngihambahamba edolobheni, ibhodlela lisekhwapheni kimi, wayekhala. Ngobunye ubusuku waye—wayehamba egcekeni elingemuva lapho . . . (Wayevamise ukuhlala khona esezombeletha, wayeqhinekile, futhi ngi . . . wayeseyintombi nje, uyazi.) Ngangiyilokhu ngihamba ngisuke ngibuye ngibuyele esihlahleni som-oki egcekeni elingemuva. Wayekhalela uMama wakhe, kepha ngangingenaMama engangingamusa kuye. Ngangimbeletha, ngithi, "O, s'thandwa." Ngathi . . .

Wathi, "Baba, uphi kanti umama wami na? Wambeka laphaya emhlabathini yini na?"

Ngathi, "Qhabo, s'thandwa. Uyaphila, uphezulu eZulwini."

Washo enye into lapho, eyacishe yangidabula izibindi ngenye intambama. Wayekhala, kwase kuhlwile, ngangimgqogqoshe emhlane *kanjalo*, ngimggqogqoshe emahlombe *kanje*. Wayesethi, "Baba, ngicela uhambe uyomlanda uMama umlethe lapha."

Ngathi, "S'thandwa, ngeke ngimthole uMama. UJesu . . . "

Wayesethi, "Kulungile, tshela uJesu angithumelele umama wami. Ngiyamfuna."

Ngathi, "Kulungile s'thandwa, mina . . . mina nawe siyohamba siyombona ngesinye isikhathi."

Wema, wathi, "Baba!"

Ngathi, "Yebo?"

Wathi, "Ngimbonile uMama phezulu kuleliyafu."

Awu, kwathi mangisakazeke! Ngacabanga, "Awu! 'Ngibone uMama phezulu kuleliyafu'." Ngacishe ngaquleka. Ngamgona esifubeni sami *kanje* umfanyana, ngibhekise ikhanda lami phansi, ngahamba ngangena."

Zedlula izinsuku. Angikhohlwanga. Ngazama ukusebenza. Angikwazanga ukubuyela ekhaya, kwakungasesilona ikhaya. Ngangifuna ukuhlala. Sasingenalutho ngaphandle kwaleyo fanisha eyas'igugile, kepha kwakuyinto mina nomkami esasiyithokozele sindawonye. Kwakuselikhaya.

Ngiyakhumbula ngelinye ilanga ngangizama ukusebenza emnyangweni wezomphakathi. Ngangikade ngenyukile ngilungisa intambo kagesi enkulu, eyayilengela phansi, kwakusempondo-zankomo. Ngakhwela kulesisiphambano. (Ngangingenakuyikhohlwa leyontombazanyana. Ngambona umkami ehamba, kepha ukubona lowomntwanyana ehamba, isiyoywana bandla.) Ngangilapho, ngangicula, "Entabeni ekude, kumi isiPhambano esidala." Nezintambo ezincane zikagesi zehle zayongena esigujini sikagesi ziphumele kwe (uyazi) nkulu. Ngangilenga phezulu lapho kuso. Ngathi ukubheka, ilanga liphuma emva kwami. Lapho, izandla zami ngazeneka, ngabona

uphawu lwaleso siPhambano e—egqumeni ngale. Ngacabanga, “Yebo, kwakuyizono zami ezaMbeka lapho.”

Ngathi, “Sharon, s’thandwa, uBaba ufuna kabi ukukubona, s’thandwa. Ngifisa kangakanani ukuphinda ngikugone ezingalweni zami futhi, muntuzana.” Ngacabanga kwaze kweqa. Kwase kuphele amaviki. Ngakhipha igilavu lenjoloba esandleni. Kwakukhona amandla kagesi alinganiselwa ezinkulungwaneni ezimbili namakhulu amathathu ezintanjeni ezazilapha eduze kwami. Ngalikhumula igilavu lenjoloba. Ngathi, “Nkulunkulu, ngiyazonda ukwenza lokhu. Ngiligwala.” “Kepha, Sherry, uBaba uzokubona noMama khona kulemizuzu embalwa nje.” Ngaqala ukulikhumula igilavu lami, ukuze ngibambe lezozintambo ezinamandla okubamba ayizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu zikagesi. Wawunganqamula . . . Ini, ungakubamba ukumunce lonke igazi liphele nya. Ngakho nga—nga—ngaqala ngalikhumula igilavu lelo, kwabakhona okwenzekayo. Ngazibona, sengihlezi phansi emhlabathini izandla zami ziphakeme *kanje*, zisebusweni bami, ngikhala. Kwaba ngenxa yomusa kaNkulunkulu, kungenjalo ngabe bengingebe nayo lenkonzo yokuphulukisa njengamanje, ngineqiniso lalokho. Nguye owayevikela isiphiwo saKhe, hhayi mina.

Ngahamba ngaya ekhaya. Ngayeka konke, ngasusa amathuluzi ami. Ngabuyela emuva, ngathi, “Sengiy’ekhaya.”

Ngazulazula endlini, ngathatha iposi endlini. Kwakumakhaza, ngangena. Sasinekamelo elilodwa elincane, ngangilala embhedeni omncane lapho, ungqoqwane uthe bhe, nalesositofu esidala. Ngalithatha iposi ngalibuka iposi, into yokuqala lapho kwakuyimadlana yakhe ayeyibekele uKhisimusi, osheleni abayisishiyagalombili, kubhalwe kanje, “Nkosazane Sharon Rose Branham.” Nakho-ke, sekubuya konke, futhi kimi.

Ngangikade ngiliphoyisa lasesiqiwini. Ngathi qalaqala ngadumela isibhamu sami, ivolovolo, esikhwameni sevolovolo. Ngathi, “Nkosi, a—angisakwazi engingakuphilela, ngi—ngiyafa. Sengi—hlupheke kakhulu.” Ngacupha idlebe lesibhamu, ngalibeka ekhanda lami, ngiguqe kulowombhejana omncane kumnyama kulelokamelo. Ngathi, “Baba wethu OseZulwini, malingcweliswe iGama laKho. UMbuso waKho mawufike, intando yaKho mayenziwe,” ngathi ngiyazama, ngasho ngayicindezela kakhulu ingcipho yesibhamu, ngathi, “emhlabeni njengoba yenziwa naseZulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.” Phinde ukuba sidubule!

Ngacabanga, “O, Nkulunkulu, kanti Uqondeni ngami na? Ngenzeni kangaka na? Awufuni ngisho ukuba ngife.” Ngasiphonsa phansi isibhamu, sasho saqhuma sashaya inhlamvu yaphumela ngale kwekamelo. Ngase ngithi,

"Nkulunkulu, angifi ngani ngiphumule kulokhu na? Ayikho into engingayiphilela. Makube khona okwenzayo kimi." Ngawela phezu kombhede wami ongcolile omncane owakhelwe odongeni, ngakhala.

Kungenzeka ukuba ngangilele. Angazi noma ngangilele noma kwenzekani.

Ngangihlale njalo ngifisa ukuya eNtshonalanga. Ngangiyilokhu ngifuna inhlobo yezigqoko zabo. Ubaba wami wayethanda kabi ukugibela amahhashi ezinsukwini zobusha bakhe, nami ngangiyilokhu ngifuna ukuba naleyonhlobo yalezozigqoko. UMfowethu Demos Shakarian ungithengele esisodwa izolo, bengiqala ngqa ukuba naso (akaze ngibe naso) esinjalo, lenhlobo yezigqoko zasentshonalanga.

Ngangicabanga ukuthi ngangihamba ngibheke ezansi ngasenkangala, ngihuba leloculo, "Kunesondo elephukile enqoleni, kunophawu epulazini lezinkomo, 'IyaThengiswa'." Ngisaqhubeka, ngabona inqola endala emboziwe, sengathi inqola ende emboziwe, nesondo lalephukile. Yebo, lokho kwakukhomba ukwephuka komndeni wami. Ngenkathi ngisondela, ngabheka, kwakumi i—intombazanyana enhle ngempela, esencane, ethi mayibe namashumi amabili eminyaka ubudala, izinwele ezimhlophe zishaye emhlane namehlo aluhlaza, igqoke ezimhlophe. Ngayibukisisa, ngathi, "Ninjani?" Ngaqhubeka.

Yathi, "Sawubona, Baba."

Ngaphenduka, ngathi, "Uthi Baba?" "Yini indaba," Ngathi, "ungakusho kanjani lokho, Nkosazana, unga . . . ngingaba nguyihlo kanjani ngoba wena umdala ngangami na?"

Wathi, "Baba, awazi lapha ukhona."

Ngathi, "Usho ukuthini na?"

Wathi, "YiZulu leli." Wathi, "Emhlabeni nganginguSharon wakho omncane."

"Awu," Ngathi, "s'thandwa, wawusengumuntuzana."

Wathi, "Baba, izingane ezincane azibiyizingane ezincane lapha, baphila ingunaphakade. Kabagugi kabakhuli."

Ngathi, "Yebo ke Sharon, s'thandwa, u—usuyintombi enhle."

Wathi, "UMama ukulindile."

Ngase ngithi, "Kuphi?"

Wathi, "Phezulu ekhaya lakho elisha."

Ngathi, "Ikhaya elisha?" OBranham bayimindinda, kabanawo amakhaya, ba . . . Ngathi, "Qha, kangikaze ngibenekhaya, mntanami."

Wathi, "Kepha unalo phezulu lapha, Baba." Angikhulumi into yobungane, kepha kwaba yilo qobo kimina. [UMfowethu

Branham uyakhala—Umhl.] Uma ngicabanga ngalo ngivele ngikhumbule konke futhi, Wathi, "Unalo lapha, Baba." Ngiyazi ukuthi nginalo ngale, ngelinye ilanga ngiyoya kulo. Wathi, "Uphi uBilly Paul, umfowethu?"

Ngase ngithi, "O, ngimshiye kwaNkk. Broy, emzuzwini embalwa edlulile."

Wathi, "Umama ufuna ukukubona."

Ngaphenduka ngabuka, kwakukhona izindlu zobukhosi ezinkulu eziphakeme, nenKazimulo kaNkulunkulu ibengezela kuzo. Ngase ngizwa lihlabelela ikwaya leziNgelosi, "Khaya lami, Khay'elihle." Ngakhuphuka, ngezitebhiso, ngigijima ngesivinini. Sengifika emnyango, nanguya emile, egqoke ingubo emhlophe, lezo'nwele ezimnyama, ezinde, ziye zayoshaya emhlane. Waphakamisa izingalo zakhe, njengalokhu wayehlale enza uma ngifika ekhaya ngikhathele ngiphuma emsebenzini noma kuphi. Ngambamba ngesandla, ngathi, "Mntakwethu, ngibone uSharon ezansi laphaya." Ngathi, "Useyintombi enhle kabi, akanjalo na?"

Wathi, "Yebo, Bill." Wathi, "Bill." Wangigaxa, (wayesethi) engigaxe emahlombe, wayelokhu engimbambatha, wathi, "Yekela ukuba ulokhu ukhathazeka ngami noSharon."

Ngathi, "S'thandwa, akuvumi."

Wathi, "Manje mina noSharon singcono kakhulu kunanjengawe." Wayesethi, "Ungaphinde ukhathazeke ngathi. Uyangethembisa na?"

Ngase ngithi, "Hope," ngathi, "Kade ngiyilokhu nginomzwangedwa wakho noSharon, noBilly uhlale enikhalela njalo." Ngathi, "Angazi ukuthi ngizomenzenjani."

Wayesethi, "Kuzolunga, Bill." Wathi, "Ngicela ungethembise ukuthi ngeke usaphinde ukhathazeke." Wayesethi, "Ubungehlale phansi na?" Ngaqalaza kwakukhona isihlalo esikhulu esibanzi.

Ngiyakhumbula ngake ngazama ukuthenga isihlalo. Manje, njengoba sengivala. Ngake ngazama ukuthenga isihlalo ngesinye isikhathi. Sasinezihlalo ezindala—ndala ezejwayelekile ezinokhuni ngaphansi uma sidla ukudla kwasekuseni. Sasisebenzisa zona, kuyizona zihlalo kuphela esasinazo. Sasingathenga esinye salezi okwazi ukuhlala uqethuke ngomhlane kuso, sinjenge...Ngiyayikhohlwa lenhlobo ekuhlalisa ntofontofo yesihlalo. Sibiza amadola alishumi nesikhombisa, wawukhokha amadola amathathu idiphozi bese kuba lidola njalo ngeviki. Sasithenga esisodwa. Lapho ke, O, uma ngifika...Mhlawumpe kade ngisebenza imini yonke, ngishumayele kuze kube phakathi kwamabili emigwaqeni nomaphi lapho ngingashumayela khona.

Kwathi—kwenzeka ngolunye usuku ngabasemuva ngokukhokha. Sehluleka, kwedlula izinsuku eziningi, kwathi ekugcineni ngolunye usuku bafika bathatha isihlalo sami bahamba naso. Ngalobobusuku, angeke ngize ngikhohlwe, umkami wayekade engibhakele uphaya ofakwe amathunduluka. Owakwami bandla, wa—wa—wazi ukuthi ngizodumazeka. Emva kokudla kwakusihlwa ngathi, "Ungiphatheleni emnandi ebusuku nje, s'thandwa?"

Wayesethi, "Ngithi, ngicele abafana bakwamakhelwane bakugubhele imisundu yokudoba. Uthi kungebekuhle uma singehla siye emfuleni sithi ukudobadoba?"

Ngase ngithi, "Yebo, kodwa . . . "

Waqala ukukhala. Ngazi ukuthi kukhona okungahambi kahle. Nganginakho ukusola ngoba base bevele bengithumelele isaziso ukuthi bazofika bazosilanda. Sehluleka ukukhokha lelodola ngeviki. Sehluleka, asikwazanga ukulikhokha. Wangigaxa, ngaya ngasemnyango isihlalo sami sasesihambile.

Wangitshela phezulu Laphaya, wathi, "Uyasikhumbula lesosihlalo, Bill?"

Ngathi, "Yebo, mntakwethu, ngiyasikhumbula."

Wathi, "Yisona-ke obucabanga ngaso, akusona na?"

"Yebo."

Wathi, "Qha, abasoze basithatha lesi, lesi sakhokhelwa." Wathi, "Ake uhlale phansi kancane, ngifuna ukukhuluma nawe."

Ngase ngithi, "S'thandwa, angikuqondi lokhu."

Wayesethi, "Ngethembise, Billy, ngethembise ukuthi ungeke uphinde ukhathazeke. Usubuyela emuva manje." Wayesethi, "Ngethembise ukuthi ungeke usakhathazeka."

Ngathi, "Angeke ngikwenze lokho Hope."

Khona manjalo ngabona, sekumnyama ekamelweni. Ngaqalaza, ngasizwa isandla sakhe sisemahlombe ami. Ngathi, "Hope, ngabe ulapha ekamelweni na?"

Waqala ukungimbambatha. Wathi, "Uzongenzela lesosethembiso, Bill na? Ngethembise ukuthi ungeke uganwe . . . uphinde ukhathazeke nhlobo."

Ngathi, "Ngiyakwethembisa."

Esengimbambathe kabili noma kathathu, wayesehambile. Ngagxuma ngakhanyisa, ngabuka ndawo zonke, wayengasekho. Kepha wayesephumile ekamelweni. Akahambile, usaphila. WayengumKristu.

UBilly nami saya ethuneni lapha ngelinye ilanga, ephethe imbali encanyana kamama wakhe nodadewabo, ekuseni

ngoMkhosi woVuko, sama. Umfanyana waqala ukukhala, wathi, "Baba, umama wami ulaphaya phansi."

Ngathi, "Qhabo, s'thandwa. Qhabo, akekho phansi laphaya. Udadewenu akekho phansi laphaya. Sinethuna elivalekile lapha, kepha le phesheya kolwandle kunethuna elivulekile lapho uJesu avuka khona. Nangelinye ilanga Uyobuya, Uyobuya nodadewenu nomama."

Ngisenkundleni yempi namuhla, bangani. A—ngingeke ngaqeda konke. Ngi . . . [uMfowethu uBranham uyakhala—Umhl.] UNkulunkulu anibusise. Akesikhothamise amakhanda ethu okwesikhashana.

O Nkosi! Izikhathi eziningi, Nkosi, ngineqiniso abantu kabaqondi, bacabanga ukuthi lezizinto ziza kalula. Kepha kukhona usuku olukhulu oluzayo lapho uJesu eyoza khona konke lokhu kuhlupheka kuyosulwa. Ngiyakhuleka, Baba oseZulwini, ukuba Uzosisiza ukuba sizilungiselele.

Ngaleso sethembiso sokugcina, lapho ngimanga esihlathini ngalokho kusa, ukuthi ngiyohlangana naye lapho ngalolosuku. Ngiyakholwa ukuthi uyobe emi kulesosigxobo, engimemeza ngegama. Selokhu ngahlala kulesosethembiso kusukela lapho, Nkosi, ngijikeleza umhlaba wonke, kuzindawo ngezindawo, ngizama ukubalethela iVangeli. Sengimdala manje, sengikhathele, ngiphelile, Ngolunye lwalezizinsuku ngizolivala leliBhayibheli okokugcina. Ngakho, Nkulunkulu, ngigcine ngethembekile esethembisweni. Ngigcine ngisemseni wakho, Nkosi. Mangingabuki ezintweni zalempilo, kepha ngiphilele izinto zangale. Ngisize ukuba ngethembeke. Angiceli ukuba ungitotose, qha, Nkosi, uKristu wami wafa laphaya kabuhlungu. Nabo bonke bafa kanjalo. Angiceli nomayini into elula. Ngiphe ukuba ngethembeke, Nkosi, ngibe seqinisweni. Abantu mabangithande ukuze ngibaholele kuWe. Nangelinye ilanga uma konke sekwedlulile sibuthane phansi kwalezozihlahla ezihlala ziluhlaza, ngifuna ukumbamba ngesandla ngimsukumise, ukukhombisa abantu baseAngelus Temple nabobonke abanye. Khona-ke kuyakuba yisikhathi esimnandi.

Ngiyakhuleka ukuba umusa waKho uwuthululele kithi sonke lapha. Nalabo abalapha, Nkosi, abangaKwazi nhlobo. Mhlawumbe banabo abantwanyana babo abathandekayo ngapesheya kolwandle ngale. Uma bengakasigcwalisi isethembiso sabo, sengathi bangasigcwalisa manje, Nkosi.

Sisakhothamise amakhanda ethu, angazi noma ukhona yini kulelihholo elikhulukazi, namuhla ntambama, bangaki kini abathi "Mfowethu Branham, ngiyafuna nami ukuhlangabezana nabathandekayo, bami futhi. Ngi—ngi—nginabo abathandekayo ngapesheya komfula?" Mhlawumbe wenza isethembiso sokuthi uyobabona, mhlawumbe mhla utshela uMama uthi, "uhambe kahle" enhla laphaya ethuneni ngalelolanga, mhlawumbe

kungenkathi utshela udade wenu omncane uthi "uhambe kahle," kumbe uBaba, kumbe abanye babo abasethuneni, owathembisa ukuthi uyophinda ubabone, nawe—obungakazilungiseleli kuze kube manje. Awucabangi ukuthi kuyisikhathi esihle sokukwenza manje?

Ngiyaxolisa ukunephula. Kepha, o, he, anazi, bangani. Anazi ukuthi—ukuthi mnikelo muni! Akusilo ichashaza, ubunzima, bomlando wempilo.

Bangaki kini abathanda ukusukuma manje benyuke beze lapha bazokhulekelwa, bathi, "Ngifuna ukuhlangabezana nabami abathandekayo?" Sukuma esixukwini wehle uze lapha. Ungakwenza lokho na? Uma kukhona ongakazilungiseleli kuze kube manje. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Ngibona indoda esindala yekhalathi izokhulekelwa, abanye bayeza. Zihlele, nina enisesitezi phezulu lapho, hambani phakathi kwesikhala sezihlalo. Noma nime, nina enifuna ukukhunjulwa ngomkhuleko njengamanje. Nakho ke. Sukuma ume ngezinyawo zakho. Kuhle. Sukuma, yonke indawo, nina enithi "Nginobaba kuleyondawo engale, nginomama kumbe othandiweyo ngale. Ngifuna ukuyobabona. Ngifuna ukubabona ngokuthula." Ungasukuma, ume ngezinyawo zakho, nomaphi lapho esixukwini. Yima ngezinyawo zakho, uthi, "Ngifuna ukwamukela."

UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise emuva laphaya. Akubusise nawe phezulu laphaya. INKosi ikubusise lapha, mnumzane. Kuhle. Phezulu esitezi, iNkosi ikubusise. Nxa zonke, ndawo zonke, sukumani ngezinyawo zenu manje ukuba sibenezwi lomkhuleko, njengoba uMoya oNgcwele uselapha eguduza ezinhliziyweni zethu, uku—uku—ukuba aphule.

Niyazi, okufunwa yibandla namuhla kuyikuba laphulwe. Kufanele sehle siye eNdlini yoMbumbi. Inkolo yokwazi ngoNkulunkulu yethu elikhuni yokuzenzela ivamise ukungasebenzi kahle. Esikudingayo inhlobo endala yokwephulwa, ukuphenduka ezinhliziyweni zethu, sizothele uNkulunkulu. Kungaba yilaba kuphela abalungele ukuma?

Masikhothamise amakhanda ethu silungele ukukhuleka.

O, Nkosi, Owavusa uJesu futhi kwa—kwabafileyo, ukuze asilungise sonke ngokukholwa, sikholwe. Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi laba abami lapha manje ngezinyawo zabo ukuKwamukela, ngiyakhuleka ukuba ubathethelele. Yebo, O, Nkosi, ngiyakhuleka ukuba baKwamukele njengoMsindisi neNkosi nesiThandwa sabo. Futhi mhlawumbe banomama kumbe ubaba kumbe omunye ongaphesheya kolwandle. Yinye into enginesiqiniseko ngayo, bathole uMsindisi. Sengathi bangathethelelwa izono zabo, nabo bonke ububi babo besulwe,

ukuze imiphefumulo yabo ihlanzwe eGazini leWundlu, baphile ngokuthula kusukela manje.

Ngelinye ilanga lenkazimulo uma isikhathi sesiphelile, kwangathi singabuthana eNdlini yaKho, sibe lapho njengemindeni engaphukile, sihlangabeze abathandwa bethu abasilindele ngaphesheya. Lokhu, sibabeka kuWe, ukuba, "Umgcine ephelele ngokuthula lowo onhliziyo yakhe ihleli kuYe." Siphe lokhu, Nkosi. Sibaletha kuWe, eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu. Ameni.

UNkulunkulu anibusise. Nginesiqiniseko ukuthi izisebenzi ziyanibona lapho nimi khona, bazoba nani khona manje.

Namanje kulabo abazokwemukela amakhadi okukhulekelwa. Billy, muphi uGene noLeo, ngabe basemuva na? Bakhona ukuba bakhiphe amakhadi okukhulekelwa khona manje. UMfowethu uzokhulula ibandla ngomthandazo, bese kukhishwa amakhadi okukhulekelwa. Sizobuye sibuye emva kwesikhashana, ukuzokhulekela abagulayo. Kulungile, Mfowethu.

